# OKUNGAPHAKATHI






## UMCHUNU UBONGELE IMBOKODO NGOKULWELWA INKULULEKO

### IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu ubongele abesifazane njengoba kuyinyanga yokuqhakambisa amagalelo abo ekubunjweni nasekuqiniseni kwezinsika zentando yeningi kulelizwe.



## UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO UHLOMISE INTSHA YASEMVOTI NGAMAKHONO

### IKHASI 5

Kuqhume imikikizo ehambisana nenkulu inhlokomo yenjabulo ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nokongiwa KweMvelo KwaZulu-Natali umhlonishwa uSihle Zikalala evakashele eMdlovana ngaphansi kukaMasipala waseMvoti ezokwethula uhlelo lokuqeqeshwa kwentsha kwezamakhono.



## UHLABEKE UMXHWELE UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO ENKUNGUMATHE

### IKHASI 7

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk. Bongiwe Sithole-Moloi uhlabeke umxhwele ngenhlangano eholwa nguMnu. Mthokozi Mchunu, iNkungumathe Youth Development Forum, ebhekele ukuthuthukisa intsha eNkandla.



## ISAKHIWO SAMADELA SIZOTHUTHUKISA UMNOTHO WABAFUYI BASEJOZINI

### IKHASI 10

Njengoba abafuyi baseJozini namaphethelo bebelokhu bebhekwe yisambane ngenxa yesomiso esidlangile futhi bengazi ukuthi bazothathani bahlanganise nani ukuze bavike ukufelwa yimfuyo, ukwakhiwa kwamadela sekuzoletha isixazululo.

## AMAPHOYISA ESIFAZANE AXWAYISA IZAPHULAMTHETHO EMGWAQENI

### IKHASI 12

abesifazane abangamaphoyisa omgwaqo KwaZulu-Natal sebexwayise abashayeli abaphula imithetho yomgwaqo ngale nyanga ka-August ukuthi mabalindele ukubhekana nengalo yomthetho eqinile.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za


**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**

**Umhleli omkhulu:** Adv. Simo Chamane
**Umhleli wezindaba:** Sibusiso Magwaza
**Umhleli wamakhasi:** Bonga Khoza

**Abezithombe:**
Zandile Shange


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU UBONGELE IMBOKODO NGENQOPHAMLANDO YEMINYAKA ENGU 60 SELOKHU BABHEKANA NGEZIQU ZAMEHLO NOHULUMENI WOBANDLULULO

■ Imizamo nemizabalazo yabo ayisoze yalibaleka emlandweni walelizwe ngoba ngaphandle kwabo isizwe asisoze saphumelela.

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu ubongele abesifazane njengoba kuyinyanga yokuqhakambisa amagalelo abo ekubunjweni nasekuqinisweni kwezinsika zentando yeningi kulelizwe.

Lokhu kuhlangane nokuthi iNingizimu Afrika igubha ingqophamlando yeminyaka engamashumi ayisithupha selokhu babhekana ngezikhondo zamehlo nohulumeni wobandlululo ngabo 1956. UNdunankulu uMchunu uthe beyisifundazwe bayaziqhenya kakhulu ngegalelo elabanjwa abesifazane ekukhululeni lesisifundazwe kanye neNingizimu Afrika. Uthe imizamo nemizabalazo yabo ayisoze yalibaleka emlandweni walelizwe ngoba ngaphandle kwabo isizwe asisoze saphumelela.

UNdunankulu uthe njengoba isizwe sigubha yonke leminyaka kuyisikhathi sokuthi ke sibheke emumva sibone ukuthi kungakanani esesikuzuzile njengesifundazwe selokhu kwawa izinsika zobandlululo.


Uqhube wathi kungakuhle ke kubhekwe nebanga eselihanjiwe ekulweni nokucwaswa kwabesifazane kanye nokuzanywa kokuvalwa kwegebe ebelikhona phakathi kwabesilisa nabesifazane.

Uthe ubethulela isigqoko bonke abesifazane ngendima asebeyidlalile ukwenza lelizwe lithuthuke. Uthe uyakuqonda ukuthi abesifazane noma beke baphila ngaphansi kwengcindezelo, kodwa manje badlala indima enkulu ekubusweni kwalelizwe kanye nasekufukulweni komnotho.

UNdunankulu uWillies Mchunu uthe kuncane kakhulu okuhlukanisa umzabalazo wenkululeko yalelizwe nomzabalazo wabesifazane belwa nengcindezelo yokuphathiswa amapasi. Uthe ukugubha lomzabalazo wabesifazane kuyinxenye yokugcina amagugu nokukhumbuza izizukulwane ukuthi lelizwe livelaphi.

Umzabalazo wabesifazane waqala ngaphambi kombhidlango owawulibhekise eUnion Building ngo 1956, kodwa kuningi okwase kwenzekile ngenhloso yokuhlanganisa abesifazane bazo zonke izinhlanga ukuze baveze ilaka labo ngoba vele umbutho wesizwe kanye namanye amaqembu ayesevele ewuqalile umshikashika wokulwela inkululeko yalelizwe.

Ukuhambisa uhla lwezikhalazo eUnion Building kwakungenye yezindlela nokukhombisa uhulumeni wobandlululo ukuthi uma usithinte abafazi usuthinte



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu*

imbokodo. Yisolesisiqubulo esagcina abesifazane bemunye futhi bebambisene ukulwa nobandlululo yonke leminyaka.

Nakuba ukugujwa kwalolusuku kulonyaka bekuse Union Building ePitoli, kodwa abesifazane bebesuka kuzo zonke izifundazwe njengoba benza ngo 1956.

Yonke inhlobo yesithuthi isetshenzisiwe ukuthwala omama besuka kulesisifundazwe beya ePitoli, kanti babalelwa ku2000 abasuke kulesisifundazwe, izinkakha zomzabalazo bezingu 22 kanti asebekhulile nabakhubazekile bebengu 18.

Konke lokhu bekuwukukhombisa ukubaluleka kwalolusuku emlandweni wezwe.

UNdunankulu ubemelwe nguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi umhlonishwa u-Weziwe Thusi.

# UNdunankulu ukushayele ihlombe ukwehla kwesibalo sabantu ababhuqwabhuqwa yindlala esiFundazweni saKwaZulu-Natal

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa u-Willies Mchunu ukushayele elikhulu ihlombe ukuzwa ukuthi isibalo sabantu ababulawa yindlala esifundazweni sehlile. Lezizindaba ezimnandi zimenyezelwe ngabakwa Statistics SA abathe ngokocwaningo lwabo kubonakala kuphucuzeka nendlela izinsiza eziza ngayo kubantu.

UNdunankulu ephawula uthe nakuba sekukuningi okuzuziwe uma kukhulunywa ngokwehlisa amazinga endlala, kodwa kusekuningi kakhulu okusamele kwenziwe ukuphucula ukuhanjiswa kwezinsiza kubantu.

Ngonyaka ka 2011 isifundazwe besilele endaweni yesibili uma kubalwa abantu abalambayo kodwa ngo 2016 kubonakala lesisibalo sesehlile ngo 3.6 wamaphesenti kanti lokhu kusho elikhulu igxathu. Isikhulu esiphezulu kwaStatistics SA umnumzane uPali Lehotla uthe inzindawo izinga lobubha elilincane kakhulu khona iseThekwini, isibili Amajuba kanti UMgungundlovu ulele endaweni yesithathu.

Uthe yonke imizamo kahulumeni oholwa nguKhongolose wenze kwaba nenkulu inqubekela phambili. Kumhlabe umxhwele uNdunankulu ukuzwa ukuthi cishe imizi eyisishiyagalolunye kweyishumi inamanzi ompompi kuthi imizi engaphezu kuka 34.7 wamaphesenti inamanzi atholakala ebangeni elifishane.

Lolucwaningo luthole nokuthi isifundazwe sinamakhaya abalelwa ku 77.9 wamaphesenti onke asenogesi. Okunye okubalulekile ngokusho kwesikhulu umnumzane Lehotla ukuthi abantu besifundazwe sebekhule ngokwenani besuka ku 10.3 wezigidi ngo 2011 baya ku 11.1 wezigidi ngo 2016, "kanti lokhu kusho ukuthi isifundazwe sethu sekuyiso esikhulu kunazo zonke ngokwezibalo sabantu kanye nobukhulu bomhlaba" kusho uNdunankulu. UNdunankulu uthe uyawamukela lombiko, ikakhulukazi lowo obala ngokwakhelwa kwabantu izindlu.

UNdunankulu ukusho lokhu ngoba isifundazwe saKwaZulu-Natal yiso esakhe izindlu eziningi ukwedlula zonke izifundazwe.

Uphethe ngokuthi kuwumsebenzi wakhe ukwenza isiqiniseko sokuthi zonke izinhlaka zikahulumeni ziyasebenza ngokubambisana ukuze iphupho labo bonke abantu besifundazwe lifezeke.

# "SIYABONGA SIYISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL NGOKUBUSISWA NGEMPILO YESILO SAMABANDLA ONKE" KUSHO UNDUNANKULU

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa u-Willies Mchunu ubongele isizwe sonke saKwaZulu-Natal ngokubusiswa ngempilo kaNgangezwe Lakhe.

Ukhulume kanje uNdunankulu ngenkathi iSilo sigubha usuku lwaso lokuzalwa eNkosi Albert Luthuli ICC, eThekwini ngenyanga kaJuly.

UNdunankulu uthe lenyanga ngempela iyinyanga ebalulekile futhi okungeyamaqhawe ngoba nakuba kuyinyanga okwazalwa ngayo iSilo, kodwa futhi inyanga okwazalwa ngayo iqhawe lomzabalazo nowaba ngumongameli wokuqala wentando yeningi uMnumzane uNelson Mandela. UNdunankulu uthe njengoba sigubha lolusuku njengesifundazwe, siyathandaza futhi ukuthi uMvelinqangi anike iSilo amandla okuthi siqhubeke nemizamo yaso yokuletha uxolo, ukubuyisana kanye nobunye kubo bonke abantu besifundazwe.

UNdunankulu ubonge iSilo ngemiyalezo yaso emihle kuhulumeni nekhuthazayo ukuthi imicabango kahulumeni njalo kumele imelane nabantu abahlwempu. UNdunankulu uncome nemizamo yesilo yokubuyisa isiko nesimilo kubantu lapho ebale khona umkhosi womhlanga kanye nesiko lokusoka. Uthe ubunye obulethwa yiSilo buyamangaza uma ubheka ukuthi abefundisi, izinyanga nezifundiswa bonke bathola isifundo esihle nesakhayo kuBhejane Phum'esiqiwini.

OkaMacingwane uphinde wabonga kakhulu igalelo leSilo ekukhuthazeni abantu nasekulweni nesifo segciwane lengculazi.

UMacinwane uphinde wazinikela yena anye nohulumeni ekusebenzeni ngokubambisana nabo bonke abaholi beNdabuko.

Uthe ngokusebenza ebambisene nabo bonke okufanelke babambe iqhaza, uyathemba ukuthi isizwe sizophumelela.

UNdunankulu ubekhuluma phambi kwezinkumbi zabantu ebezigcwele iholo laseThekwini ukuzobungaza iNgonyama ngosuku lwayo lokuzalwa. Lolusuku lubaluleke ngalendlela yokuthi iNgonyama ibithola imiyalezo ngisho nevela kwamanye amazwe. UMacingwane uthe uhulumeni uzothembela kuso iSilo ukuthi sibaqondise ukuthi usuku lweLembe luzogujwa kanjani.

UNdunankulu wethembise ukuqhubeka nokusebenzisana nokubambisana neSilo ekufundiseni nasekuphatheni sonke isizwe.

UNdunankulu uphethe inkulumo yakhe ngokuxolisa ngokuqala phansi kwempi nokubulalana okuhambisana nepolitiki kulesisifundazwe.

UNdunankulu vele useqale ikhomishani ezocwaninga futhi ibheke ukuthi yini ephehla



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ne Silo Samabandla*

loludlame. Uphethe ngokuthi uzoqhubeka nokuthekela kuso iSilo ukuze akwazi ukuphatha isifundazwe ngobunono.

# UNDUNANKULU UTHE ISIFO SENHLIZIYO KANYE NESOHLANGOTHI YIZO ESEZIBULALE ABANTU ABANINGI

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu uthe izifo ezifana nesenhliziyo anye nesohlangothi yizo ezibulala kakhulu abantu mumva nje, wathi kwesinye isikhathi zibashiya bekhubazekile. Ukhulume kanje ngenkathi evula igumbi elisha lokuhlola izifo ezihambisana nesenhliziyo esibhedlela i-City Hospital eThekwini. Uthe kubalulekile ukuvulwa kwegumbi elifuze leli ngoba izifo ezihlupha abantu ziya ngokwanda. Uphinde wathi njengohulumeni uyakholelwa ukuthi ukusebenza ngokubambisana kukahulumeni nezinkampani ezizimele kungaba nomphumela oncomekayo. Uthe



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu nesikhulu sasesibhedlela i-City Hospital*

uhulumeni wakhe uwuqaphe ngelokhozi uMnyango weZempilo nangendlela ezempilo esifundazweni ezisebenza ngayo.

Uthe ubona kubalulekile ukuthi benguhulumeni kanye nezibhedlela ezizimele baphume umkhankaso wokufundisa abantu ngobungozi besifo senhliziyo. Uthe lokhu kungasiza ukuvikela nokuqwashisa iningi elingenalwazi ngalesisifo.

Uqhube wathi njengohulumeni sebekwaze ukwenza okuningi kwezeMpilo ukuze abantu besifundazwe bathole usizo.

Ubale isibhedlela sasePomeroy akade besivula noNgqongqoshe wezeMpilo uDokotela uDlomo, wabala nendlela umnyango wezeMpilo osebenza ngayo kahle ngayo ukuhlenga izimpilo kuso sonke isifundazwe.

UNdunankulu uthe akawuvali umlomo ngendlela isifundazwe esanconywa ngayo ngesikhathi kunengqungquthela yomhlaba yegciwane nesandulela ngculaza ebiseThekwini.

Uthe lokhu kukodwa kukhombisa ngokusobala ukuthi isifundazwe siyasebenza.

OkaMacingwane uthe nakuba ucwaningo lukhombisa ukuthi izinga lokuphila kwabantu liyanyuka kodwa ubona kusabalulekilile ukuthi abantu bafundiswe ngezempilo.

Ngokwenzanjalo, uNdunankulu ukholelwa ukuthi isizwe siyosinda kweziningi izifo. Uthe kubalulekile ukuthi uhulumeni kanye nezibhedlela ezifana neCity Hospital basebenzisane ukuze abantu abaningi bathole usizo ngobuxhakaxhaka banamuhla.

Uthe indlela eyaphambili incike kakhulu ekutheni izibhedlela zikahulumeni kanye nezizimele zicobelelane ngolwazi.

Uthe vele lokhu sekuqalile uma ubheka ukuthi uhlelo lukahulumeni olubizwa nge National Health Insurance luyakukhuthaza ukusebenza ngakho ukubambisana.

UNdunankulu uthe imali engango R5184 bhiliyoni ibekwe eceleni ukuze yakhe ibuye ivuselele izibhedlela zesifundazwe nokuthengwa kwezinsiza ezidingakalayo.

Ubesebonga izikhulu zesibhedlela ngokubona kubalulekile ukuthi zimumeme ukuze azocacisa ngobumqoka bokusebenza kwalezizinhlaka zezempilo.

# UNdunankulu waKwaZulu-Natal ukhuthaze umphakathi namaqembu ezepolitiki ukuthi ayemukele imiphumela yokhetho

**SIBUSISO MAGWAZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa u-Willies Mchunu ukhuthaze umphakathi wonke namaqembu ezepolitiki ukuthi ayemukele imiphumela yokhetho ekhishwe yinhlangano eyengamele ukhetho i-IEC.

Ukhulume kanje ngenkathi kumemezelwa ngokusemthethweni imiphumela yokhetho loHulumeni Basekhaya eThekwini. Olwalonyaka ukhetho lubonakale lunzima kakhulu uma uluqhathanisa nolwedlule, kanti nabavoti bebephume ngezinkani.

UNdunankulu uzwakalise ukwaneliseka ngendlela zonke izinto ezihambe ngayo ngaphambi kokhetho nangosuku lokhetho.

Bekukade kunokwesaba ukuthi izinto zingase zingahambi kahle kwazise kuke kwaba nokubulawa kwabantu ababengenele ukhetho, kanti iningilabo bekungamalunga kaKhongolose. UNdunankulu uvakashele izikhungo zokhetho emva kokuvota esikhungweni sakhe okuyi- Brettonwood High School. Kanti uthe mayesuka lapho wayohlola izikhungo ezise Estcourt maphakathi nesifundazwe lapho efike khona wemukelwa ngenhlokomo. Kubalulekile ukusho ukuthi uNdunankulu wamukelwe yiwo wonke amaqembu ezepolitiki okuhlaluke kakhulu i-Nkatha kanye noKhongolose. Ekhuluma ngenkathi kumenyezele imiphumela uNdunankulu uthe " Besikade silokhu sikhulumisana nabantu, sidlulisa umbiko kubo bonke abavoti kuso isifundazwe sethu sithi kubo uma sekuphuma imiphumela yokhetho, siyocela ukuthi wonke umuntu ayemukele, bese eqala elungiselela olunye ukhetho" UNdunankulu uqhube wathi akusilona ukhetho lokuqala lolu futhi akusilona olokugcina, ngakhoke abantu mabangaxhamazeli baze badikibale ngoba lisayoba khona nelinye ithuba. Indlela akhulume ngayo uNdunankulu isize kakhulu ukuthi abantu bemukele futhi baduduzeke. Yingakho ukuphuma kwemiphumela kungazange kube nezihibe ngoba wonke umuntu ubesevele elindele ukwamukela.

Lesisenzo sikaNdunankulu sishayelwe elikhulu ihlombe ngosopolitiki besifundazwe nokubalwa kubo izimbangi ezinkulu zeqembu likaNdunankulu kwezombusazwe.

# "Kube yingqophamlando ukuhlangana kwabaholi abanohlonze e-Adams College" kusho uNdunankulu

**SIBUSISO MAGWAZA**

Ukuvuselelwa kabusha kwekolishi lase Adams kuhlanganise izingqungqulu zabaholi abanohlonze, kanti iningi liyakholelwa ukuthi lelikolishi lisazoqhubeka nokukhiqiza abaholi abalikhathalelayo izwe labo.

Lolu bekuwusuku olubalulekile lapho bekuzophendulwa isoyi lapho kuzokwakhiwa khona amagumbi amasha okufundela ngenhloso yokukhuthaza intsha ukuze ithande imfundo. I-Adams yikolishi elinomlado omude uma kukhulunywa ngemfundo yabantu abamnyama. Akumangazanga ukuthi esinye sezifundiswa esivela kulelikolishi nguSihlalo Wenyunyana Yamazwe ase Afrika uDokotela Nkosazane Dlamini–Zuma nobekhona kulomcimbi. Ngenxa yokuphakama kwezinga lalomcimbi bekukhona ngisho noMongameli umnumzane uJacob Zuma obehama noNgqongqoshe beKhabhinethi yakhe.UNdunankulu wesifundazwe sakwaZulu-Natal umhlonishwa u-Willies Mchunu uthe akuvamisile ukuthi kube nesikhungo semfundo



esikwazi ukukhiqiza oMongamemi abaningi kangaka njengoba i-Adams College ikhiqize oMengameli ababili bakaKhongolose okungo Dokotela John Langalibalele Dube, INkosi Albert Luthuli, kanye noMongameli wase Botswana uSir Seretste Khama noMongameli wase Uganda uMilton Obote.

Ukulungiswa kwalendawo kungenxa yegalelo elikhulu lika Dokotela uNkosazane Dlamini-Zuma onxenxe izinkampani ezizimele ukuthi zifake imali yokulungisa lesisikhungo semfundo esinomlando. Kanti uNdunankulu u-Willies Mchunu usebenzise lelithuba ukuxolisa ngokwehla kwemiphumela kamatikuletsheni ngonyaka owedlule kulesisifunda, ube esethembisa ukwenza kangconywana kulonyaka.

UMongameli Wezwe ubonge bonke ababambe iqhaza kulomcimbi wathi uyathemba ukuthi intsha izokhuthazeka.

Ugcizelele ukuthi uhulumeni uyazibophezela ukugcina umlando walesisikole umuhle Futhi uhloniphekile.

# UZikalala ugqugquzele inhlonipho nokuzinikela kwizisebenzi zomnyango

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala usechaze izisebenzi zikahulumeni njengensika yokuphuthunyiswa kwentuthuko emphakathini. UZikalala obekhuluma nabasebenzi bonke bomnyango awuholayo eMngungundlovu uthe njengoba isifundazwe saKwaZulu-Natali sibhekene nenselelo yokulwa namazinga aphezulu okwentuleka kwemisebenzi, ukungalingani ngokwempilo kanjalo nokuhlupheka okudla lubi kubantu, ukuthuthukiswa komnotho kungezinye zezindlela zokuqikelela ukuthi liyavalwa igebe phakathi kwabacaphuna kusale nalabo abangathathi ndawo. Eqhuba uZikalala uthe njengoba umnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kwemvelo unezisebenzi ezibalelwa ku-719 lokhu kusho ukuthi omunye nomunye kuzo unomsebenzi obalulekile wokuqikelela ukuthi wenza umehluko ezimpilweni zabantu bakulesisifundazwe.

UNgqongqoshe uphinde watshela izisebenzi zomnyango ngokubaluleka kwenhlonipho, ikakhulukazi uma uwumuntu oqashelwe ukusebenzela umphakathi.

Uthe kuyaye kumphathe kabi uma ezwa ukuthi izisebenzi zikahulumeni zikhetha iphela emasini uma zisiza umphakathi, zitshengise inhlonipho uma zisiza omntakabani kepha zingayitshengisi inhlophipho efanayo kwabanye. "Lokhu-ke kuyinto engamukelekile neze, kumele sikhumbule imigomo yeBatho-Pele (umphakathi phambili) esiqashwe ngaphansi kwayo nekubeka kucace ukuthi kumele siphathe wonke umuntu ngendlela efanayo futhi enesizotha." UZikalala uthe mkhulu umsebenzi ohlalele abasebenzi bomnyango. "Njengoba sonke sazi, phakathi kwezinto eziseqhulwini ezinhlelweni zomnyango wethu ukuqikelela ukuthi siguqula isimo somnotho kwisifundazwe.

Lokhu-ke kusho ukuthi yithi esisekhaleni lempi yokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi siyabatakula ezimweni ezinzima zokuhlupheka, ukungalingani ngokwamazinga empilo kanye nokwentuleka kwamathuba emsebenzi," kusho uZikalala. Kuwo lo mhlangano obuhanjelwe izikhulu kanjalo nezisebenzi zonke zomnyango kuphinde kwavela ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natali sinabantu abacela ezigidini eziyishumi nomuvo kanti kulesisibalo u32.2% wabantu awusebenzi. "Okumele sikuqaphele ngalezizibalo ukuthi iningi lezakhamizi zethu abantu abamnyama, zihlala ezindaweni ezisemaphandleni futhi intsha kanye nesimame. Okunye futhi okumele sikubhekisise ukuthi abantu abangu 6.6 million baKwaZulu-Natali bawela esigabeni sentsha.

Lokhu-ke kusho ukuthi ezinhlelweni zethu zokuthuthukisa umnotho kumele siqikelele ukuthi lesisigaba yiso esibhekelwa kakhulu, ikakhulukazi abesimame nentsha," kuqhuba uZikalala.

Uphinde wakhumbuza izisebenzi zonke zomnyango ukuthi njengoba ziqashwe ngaphansi kukahulumeni waKwaZulu-Natali kumele zingalibali nangelilodwa ukuthi zingamanxusa kahulumeni wonkana, hhayi nje umnyango eziwusebenzelayo kuphela.

"Ngaleyondlela ngithanda ukunikhumbuza ukuthi yize uhulumeni uhlukene izigaba ezintathu okunguhulumeni wasekhaya, owesifundazwe kanjalo nokazwelonke kodwa ekugcineni sonke sinenjongo efanayo okungukuletha impilo engcono kuwo wonke umuntu ohala eNingizimu Afrika.

Ngakho-ke umsebenzi wethu ukuqikelela ukuthi senza lokhu ngokukhuthala kanye nokuzimisela, ngale futhi kokubheka ubuhlanga kumbe ezepolitiki," kusho uNgqongoqshe ephetha.

# UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO UHLOMISE INTSHA YASEMVOTI NGAMAKHONO

**NOMFUNDO TSHABALALA NO-SIYANDA MNTAMBO**

Kuqhume imikikizo ehambisana nenkulu inhlokomo yenjabulo ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nokongiwa KweMvelo KwaZulu-Natali umhlonishwa uSihle Zikalala evakashele eMdlovana ngaphansi kukaMasipala waseMvoti ezokwethula uhlelo lokuqeqeshwa kwentsha kwezamakhono.

Kulo mcimbi, obuhanjelwe ikakhulukazi abantu abasha, kuphinde kwethulwa ngokusemthethweni iMTL Training and Projects, okuwuhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono entsha kwezobuchwepheshe, ezokwakha kanjalo nakwezamabhizinisi. Ekhuluma nentsha ebibuthene ngobuningi bayo ezinkundleni zemidlalo zendawo iLucky Sports Field uNgqongqoshe uZikalala ugcizelele ukuthi njengoba leli libhekene nengwadla yokwesweleka kwemisebenzi kanjalo nokufadabala kwezomnotho, nokuyinto ephinde ibheke umhlaba wonke jikelele, kubalulekile ukuthi abantu abasha bazibambe ziqine futhi bangalindi ukuthi bazoqashwa kepha kube yibo abazidalela mathupha amathuba emsebenzi.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala ngenkathi kuhlonyiswa intsha ngamakhono eMvoti*

UZikalala uthe uhulumeni wesifundazwe uzimisele kakhulu ukusebenzisana netsha ukuze kuqikelelwe ukuthi ihlonyiswa ngamakhono ayimvela kancane nokuyiwo ayosiza ekufukuleni umnotho wakuleli. "Siwuhulumeni waKwaZulu-Natali sizimisele ukusebenzisana nabantu abasha emkhakheni efana nezobunjiniyela, ezesayensi, ezokuphathwa kwamabhizinisi njl, njl, ukuze sikwazi phela ukubumba isizwe esikwaziyo ukuzibambela mathupha. Ngaleyondlela, ngokusebenzisana nesikhungo esingaphansi koMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo iMoses Kotane Institute sinezinhlelo zokusebenzisana nentsha esemabangeni aphezulu ukuze ikwazi uthola uxhaso ezifundweni ezincike kulemkhakha esengike ngayibalula," uNgqongqoshe washo kanje.

Abantu abasha abaneminyaka ephakathi kuka 15 no 34 bayingxenye engu-36.2 wamaphesenti abantu baseNingizimu Afrika.

Ngaleyondlela yibo abaningi nokusho ukuthi kumele kuqikelelwe ukuthi bayabhekelelwa ngezinhlelo zokubathuthukisa kwezamakhono.

UNgqongqoshe uZikalala wathi njengoba izwe libhekene nengwadla yokungalingani, ukwentuleka kwamathuba emsebenzi kanjalo nobuphofu kubalulekile ukuthi kuqhanyukwe namasu amasha. "Ngokwezibalo ezikhishwe yiStatistics South Africa, amaphesenti angu 54.5% abantu abasha baseNingizimu Afrika abasebenzi. Kodwa ezinye zezinto ezidala lokhu ukuthi ingxenye enkulu yalezi zibalo isafunda ezikoleni kumbe emabangeni aphakeme. Kodwa yize kunjalo, kuyinto eyethusayo ukuthi cishe u31.2 wamaphesenti wabantu abaneminyaka ephakathi kuka 25 no 34 abasebenzi. Lokhu kungezinye zezizathu eziholele ekutheni siwuhulumeni waKwaZulu-Natali siqhamuke nohlelo lokusiza abantu abasha bazihlomise ngamakhono azobenza baqasheke kumbe bazisungulele amathuba emsebenzi," kusho uZikalala. Kuwo lo mcimbi kwaphinde kwanikezwa intsha eqede ukuqeqeshwa kwezokakhwa izitifiketi. IMeya kaMasipala waseMvoti ukhansela Thamsanqa Ndlovu naye wabe esebongela intsha eyahlomula waphinde wasphonsela inselelo somabhizinisi bendawo ukuthi nabo babe yingxenye yokuxhasa intsha yendawo ukuze kuxoshwe ububha.

UNgqongqoshe uZikalala waqhuba wathi kubalulekile ukuthi intsha izimbandakanye nezinhlelo zomnyango zokuyithuthukisa kwezomnotho, ikakhulukazi njengoba uhulumeni waKwaZulu-Natali usuqhamuke nesu lokucija intsha kwezomnotho uphinde uyivulele namathuba olubizwa ngokuthi iYouth Economic Empowerment Strategy.

"Kumele intsha iqikelele ukuthi iwabamba ngazo zombili amathuba ewanikezwa uhulumeni ukuze ikwazi ukuzibeka ethubeni lokuzithuthukisa njengoba kwenze ozakwabo abahlomule ngezitifiketi namuhla ngaphansi kohlelo lwe kweMTL training and projects," kuphetha uNgqongqoshe.

# Bahlomule ngezibaya abebehlushwa izilwane zasendle oKhukho

**VUSI ZULU**

ZIGCINE sesuliwe izinyembezi zeminyaka zomphakathi wasoKhukho enyakatho nesifunda obesekuphele iminyaka ukhala ngokulahlekelwa imfuyo yawo, iningi layo ebidliwa izilwane ezinobungozi zasendle.

Lokhu kulandela ukwethulwa kohlelo lokwakhiwa kwezibaya eziphephile obeluholwa uNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala muva nje.

Loluhlelo oluholwa uphiko olungaphansi kwalomnyango Ikzn Ezemvelo kuhloswe ngalo ukwakhela imiphakathi eyakhelene nesiqiwi iHluhluwe namaphethelo izibaya ezisesimweni ezizovikela imfuyo ekutheni iphenduke isisulu sezilwane zasendle.

Umphakathi walendawo ubusuhleli lubhojozi ngemuva kwezigameko eziningana zokulinyalelwa, kumbe ukufelwa imfuyo ebidliwa izilwane ezifana namabhubesi nezingwe ezisesiqiwini esiseduzane.

Ekhuluma emcimbini wokwethulwa kohlelo lokwakhiwa kwezibaya, uNgqongqoshe uZikalala uthe yize kubalulekile ukuthi izilwane zasendle zigcinwe ziphephile, kepha nabantu kanye nempahla yabo nabo ngokunjalo kumele kuqikelelwe ukuthi naob baphephile. "Emhlabeni wonke jikelele, amazwe azigqaja ngamagugu awo.

Nathi lezizilwane zasendle esinazo ziyigugu nefa lesizwe. Njengabantu siyafunda kuzo, kanti futhi ubukhona bazo busho ukuthi izwe lakithi liyakwazi ukuheha izivakashi zamazwe aphesheya ukuba zisivakashele.

Uma sikhuluma ngalendawo esikuyo, siyincoma kubavakashi baphesheya kwezilwandle siyaye sithi ingenye yezindawo ezimbalwa emhlabeni lapho uthola khona izilwane ezaziwa ngokuthi yi Big Five – okuyindlovu, inyathi, ubhejane, ibhubesi kanye nengwe.

Njengoba ezokuvakasha zifaka amaphesenti ayishumi emnothweni wezwe lakithi, uma singase sizibulale zonke lezizilwane, kusho ukuthi lenzuzo engenayo ezweni lakithi ngeke isangena futhi miningi nemisebenzi engalahleka.

Kodwa yize kunjalo, akumele phela abantu balahlekelwe yimfuyo yabo ngenxa yezilwane zasendle, yingakho-ke siwuhulumeni waKwaZulu-Natali siqhamuke naloluhlelo," kusho uKhuzeni.

Isiyonke, iyizigidi eziyishumi nambili zamarandi (R12 million) imali ebekw' engxenye ukwenza lomsebenzi wokwakhiwa kwezibaya. Phezu kwalezizibaya eziyikhulu esezakhiwe kuleminyaka eyisikhombisa edlule, kuzokwengezwa ngezinye ezingamakhulu amahlanu (500).



*Ungqongqoshe uZikalala ngenkathi akha esinye sezibaya oKhukho okuzosiza ukuvikela imfuyo ezilwaneni zasendle.*

Kanti lomsebenzi uzoqhutshwa ezindaweni zamakhosi ayishumi, futhi lokhu kuzohlomulisa imiphakathi engamashumi amahlanu nantathu eyakhele leziqiwi. UNgqongqoshe uZikalala wathi lo msebenzi-ke ngeke wenziwe yizinkampani eziyizikhondlakhondla kuphela, kepha kuzoqinisekiswa ukuthi amalungu emiphakathi kanye nabalimi abasafufusa, yibo abazoyibamba ekhaleni lempi yokwakha lezizibaya.

"Njengohulumeni kaMsholozi, sisebenza ngokuzikhandla ukulungisa lesisimo sokwentuleka kwemsebenzi kanti ngaleyondlela sibone kubalulekile ukuthi lomsebenzi uqhutshwe abantu bendawo. Sikhuluma-nje sinezingxoxo noMnyango kaZwelonke wezoKongiwa KweMvelo, ukuba sithole imali esiyidingayo ukuba siqinise ucingo futhi sifake izithiyo ezizokwenza ukuba izilwane zasendle zingaphumeli ngaphandle kwesiqiwi zihlasele abantu nemfuyo. Uma sesiziphothulile lezizingxoxo futhi sekukhona imali esiyitholile, siyobuya futhi ukuzobika ukuthi imali isitholakele bese sinazisa ukuthi umsebenzi uzoqala nini," kusho uNgqongqoshe.



"UHulumeni wesifundazwe uzimiselele kakhulu ukusebenzisana netsha ukuze kuqikelelwe ukuthi ihlonyiswa ngamakhono ayimvela kancane nokuyiwo ayosiza ekufukuleni umnotho wakuleli. "

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# KWEHLISE INGCINDEZI KUBAZALI UKWAKHIWA KWENKULISA KANOKUSHO E-KRANSKOP

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ulwa nengcindezi yabazali abakhulisa abantwana njengoba sebekwazi ukushiya izingane zabo enkulisa kanokusho eyaziwa ngeSinqobile Early Childhood Development Centre, esivulwe ngokusemthethweni esigodini sakwaSenge, esengamelwe ubukhosi baseMakhabeleni, ngaphansi komkhandlu waseMvoti, muva nje. UMnyango wakhe lenkulisa ngemali engR4.5 million. Ingesezingeni eliphezulu, inamagumbi amathathu okufundela abantwana ngokwezigaba zabo, igumbi lokudlala odado ngaphakathi, ihhovisi loMphathi, ihhovisi labasebenzi namalunga ekomidi eliphethe ukusebenza kwayo, igumbi lokupheka elinefenisha kanokusho kanjalo nefenisha yodado. Kukhona negumbi elinombhede wokulala ingane egulayo kanye negumbi losizo lokuqala, okuzothi uma abantwana bedinga ukwelashwa bangene kulo. Ngaphandle ibiywe kahle, ikhonkiwe egcekeni, inezinto zokudlala ngaphandle.

Ngesikhathi yakhiwa kwadaleka amathuba omsebenzi emphakathini lapho kwaqashwa abantu abangu-30, abesilisa abayi-17 nabesifazane abayi-13.

Lenkulisa inikezelwe kulomphakathi ngokusemthethweni uKhansela Fikile Khumalo, wesiFunda uMzinyathi, ophinde ahlale ekomidini likazwelonke elibhekele ukusebenza koMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi maqondana nemali yesibonelelo sezintandane, aphinde abe esigungwini esiphezulu esiFundazweni enhlanganweni ebusayo. Ekhuluma egameni likaNgqongqoshe waloMnyango, uNkosikazi Weziwe Thusi, uKhansela Khumalo uthe uNgqonqoshe unokukhathazeka ngesibalo esiphezulu sabantwana abangaphansi komkhandlu waseMvoti namaphethelo.

"Mphakathi waseMakhabeleni, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukhathazekile ngokushoda kwezinkulisa kulendawo njengoba isibalo sikhomba ukuthi abantwana abaneminyaka kusukela bezelwe kuya kwemine sibalelwa ku-13 225, ngaphansi koMkhandlu waseMvoti, kodwa kunezinkulisa ezibalelwa ku-28. Lokho akwanele.

Kuzomele umphakathi uziqalele izinkulisa bese uMnyango uyangenelela. "UMnyango



Bajabule bafile odado njengoba sebenenkulisa.



UKhansela Fikile Khumalo nomele ubukhosi, uMnumzane Mthandeni Dlomo, ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni inkulisa.




Yiso lesi isithabathaba senkulisa yaseMakhabeleni.

unxenxa ukuba intsha isondele emahhovisi khona kuzosunguleka izinhlangano ezizolwisana nesihlava sezidakamizwa ngoba intsha iyikusasa lethu. Nabesifazane abavuke bazithathe bangahlali phansi ngoba isikhona inkulisa ezonakekela abantwana.

Abasondele eMnyangweni ngoba uhulumeni uzibeke eqhulwini izinhlelo zentuthuko eziqondene nabesifazane kanye nentsha yethu," kusho uKhansela Khumalo. Uphinde wedlulisa izipho kodado, okubalwa kuzo amathoyizi okudlala, izincwadi zokufunda nezinto zokugeza.

Kanjalo naleyomindeni elala ingadlile ithole ukwethulwa umthwalo ngokuphiwa ukudla kwaphinde kwaphiwa ogogo nomkhulu izingubo zokulala, ebekuyisipho ebesivela kuMengameli wezwe, uMnumzane Jacob Zuma.

Ongusihlalo wekomidi elibhekele ukusebenza kwalenkulisa, uMnumzane Jabulani Madlala, obegcwele injabulo ebusweni, utshele IKZN SIMAMA ukuthi bazibona sebephumile enkingeni ebibakhungathile.

Uthe: "Sijabule kakhulu njengoba namuhla iphupho lethu siwumphakathi lifezekile. Lapha emakhaya imfundo isalele emuva.

Kunzima ukusa ingane iyoqala esikoleni ingayanga enkulisa. Sizoqinisekisa ukuthi isebenza ngendlela lenkulisa enhle kangaka." Ukhansela Khumalo ubehambisana nobuholi bendawo kulomcimbi, okubalwa kubo obemele ubukhosi baseMakhabeleni, Induna uMthandeni Dlomo, umphathi womkhandlu waseMvoti, uMnumzane B. A. Xulu, kanye nezikhulu zikahulumeni zeminyango eyehlukene.

# Ungenelele ngezizumbulu zezimali uHulumeni ukuthuthukisa impilo yabantu eMtubatuba

**MINENHLE MNCWANGO**

Ilinganiselwa ezigidini ezingu-55 wamarandi (R55 million) ngenyanga imali ephuma eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi uhulumeni ayihlinzekele ezezimpesheni, izibonelelo zabantwana kanye nezintandane emphakathini waseMtubatuba, enyakatho yesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kulesiFundazwe, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ehambele umphakathi waseMtubatuba, enyakatho nesifundazwe, ukuyozwa ukuthi izinhlelo zentuthuko zisahamba kahle yini. Lomcimbi obusenkundleni yezemidlalo eMgwazeni High School Sports Ground, uphinde wagubha iminyaka eyishumi kwasungulwa isikhungo saloMnyango esaziwa ngeSASSA, okuyisona esiholela imali yezibonelelo zikahulumeni. Indawo yaseMtubatuba ibalwa neminye yemiphakathi edla imbuya ngothi. Yingakho uhulumeni enza okusemandleni ukuthuthukisa umphakathi wakuleyandawo. Isibalo sikhomba ukuthi balinganiselwa ku-175 425 abantu abakhele umasipala



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi ethula inkulumo yakhe eMtuba.

waseMtubatuba kumaWadi angama-20. Kulendawo uMnyango unehhovisi elilodwa elizinze kwaMsane, osekwenze kuvulwe eliwumahamba nendlwana elisesigodini saseDukuduku elelekelela amawadi amathathu kuze kuyofika eGunjaneni.

Njengamanje uMnyango usezinhlelweni zokufaka elinye endaweni yaseMfekayi. Kulendawo kunezinkulisa eziwu-72 zona ezixhaswe ngemali elinganiselwa ku-R16 578 033 ngonyaka.

Kunesikhungo esinakekela intsha nabantwana (Child & Youth Care Centre) esixhaswe ngemali engango-R925 914. Kunetsha eyama-39 ethathiwe yayoqeqeshwa ukuba inakekele intsha nabantwana (Child & Youth Care Workers), yona exhaswe ngemali ewu-R842 400 ngonyaka. Lendawo inezinhlangano ezingenzi nzuzo ezingu-88 ezixhaswe uMnyango. Kunezinhlelo zokuthuthukisa intsha ezizoqala maduzane kuphinde kube nenhlangano ebhekele ukuthuthukiswa kwabesifazane exhaswe ngemali engango-R484 920 ngonyaka.

Ethula inkulumo yakhe yosuku kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi uthe: "Silapha ukuzogubha iminyaka eyishumi kwasungulwa inhlangano eholela imali yezibonelelo zikahulumeni, uSASSA. Futhi singuhulumeni asisafani nakuqala lapho bekuholwa khona impesheni emuva kwezinyanga ezintathu, kodwa uSASSA uniholela nyanga zonke. "Futhi singuMnyango kuwumsebenzi wethu ukunakekela abahaqwe yigciwane lesandulela ngculazi, abantwana, abesifazane, intsha, abantu abadala, abakhubazekile. Njengoba kuleWadi kunenkulisa esiyakhayo engakapheli asifuni abantwana bahlale bengenzi lutho. Sifuna bafike esikoleni sebekulungele ukuqala ibanga lokuqala.

"SinguMnyango basisebenzisa kabuhlungu abantu ababulala abanebala elimhlophe. Sinxusa umphakathi ukuba ubike izigilamkhuba.

Siyabonga kuBaba uGodolulalamankankane Mthembu, obike owesifazane obedayisa ingane enebala elimhlophe. Sicela nibike emaphoyiseni uma nibona umuntu ohamba nengane enebala elimhlophe khona kuzophenywa ukuthi ngeyakhe yini."

Kulomcimbi uNgqongqoshe uThusi ubehambisana nenhloko yaloMnyango, uNkosazana Nokuthula Khanyile, uMphathi wakwaSASSA esiFundazweni, uNkosikazi Pearl Bhengu, nobuholi bendawo, okubalwa kubo uMeya waseMtubatuba, uKhansela Israel Nyawo, uSomlomo waseMtubatuba, uKhansela Mbongeleni Gina, nobukhosi bakwaMkhwanazi obebumelwe Inkosi Mzokhulayo Mkwanazi, kanye noSomlomo womkhandlu wesiFunda uMkhanyakude, uKhansela Hlengiwe Mavimbela.

Kulomcimbi kubungazwe omkhulu nogogo abaneminyaka eyedlule ekhulwini abathole indathane yezipho kanye nezingubo zokulala kanye nomkhulu asebehola impesheni abaphiwe izingubo zokulala. Imindeni elala ingadlile ithole ukudla kokuba ixoshe ikati eziko kanti futhi nabantwana abayi-7 abasuka emakhaya ahluphekayo bathole inyufomu kanye nokudla.



**"Silapha ukuzogubha iminyaka eyishumi kwasungulwa inhlangano eholela imali yezibonelelo zikaHulumeni, uSASSA.**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UHLABEKE UMXHWELE UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO ENKUNGUMATHE

Mphakathi waseChwezi senizogibela kanye vo uma nifuna umtapo wolwazi, kodwa nakunina sizowuletha uma ningasinika amandla okuqhubeka nokubusa leli zwe nale ndawo.

**STHEMBISO SHANGASE**

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk. Bongiwe Sithole-Moloi uhlabeke umxhwele ngenhlangano eholwa nguMnu. Mthokozi Mchunu, iNkungumathe Youth Development Forum, ebhekele ukuthuthukisa intsha eNkandla.

UNgqongqoshe utheleke kule ndawo esenyakatho neNkandla, enyakatho yesifundazwe ezovula ngokusemthethweni umtapo wolwazi owakhiwe ngemali engaphezu kwama- R7 million.

Lo mphakathi wacela ukwakhelwa umtapo wolwazi ukuze izingane zendawo zingahlupheki uma zenza umsebenzi wesikole noma ngabe owaliphi izinga lezemfundo. Usihlalo weNkungumathe Youth Development Forum, uMnu. Mthokozi Mchunu ubonge wanconcoza ngokuphumelela kwesicelo sabo sokuthi bakhelwe umtapo wolwazi kanye nenkundla yezemidlalo "Kulesi sikhungo sakho Ngqongqoshe, kufunda izingane zesikole kubuye kufunde nasebefundela imisebenzi namakhono abafunda ko-UNISA nako Boston College okuyizikhungo zemfundo ephakeme", kusho uMnu. Mchunu. UMfo ka Mchunu utuse nendaba yokuthi lo mtapo wolwazi unolwembu lwezokuxhumana nezwe (internet) engakhokhelwa.

UMnu. uMchunu uqede ukuwubona wabe esefaka isicelo sokuthi wehlukaniswe ngodonga lwangaphakathi lo mtapo wolwazi ukuze abantu bakwazi ukwenza izinto ezahlukahlukene ngesikhathi esisodwa, kuthi labo abafuna ukuzixoxela bengaphazamisi labo abafuna ukufunda ngabodwana buthule. UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi utshele abantu baseNkandla ukuthi imhlabe umxhwele indaba yomkhankaso wasendaweni othi umuzi nomuzi bawube nesifundiswa esine-diploma noma i-degree "Bantu baseNkungumathe neNkandla yonkana, singihlaba umxhwele lesi siqubulo somkhankaso wokutshala ugqozi lokufunda.

Ngakho-ke ngithi asidlule sithi, umuzi nomuzi makuphithizele izifundiswa noma zibe ntathu kuye phezulu kulabo abaphiwe inzalo", kusho uNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko echazekile. Uthi kufanele uma sekwenziwa imicimbi yokuthweswa iziqu, kuphume amajazi ayinqwaba ekhaya elilodwa, bayaqamba bayafika abazokweseka bazithele ekhaya eseliphithizela abantu abavathe amajazi eziqu zabo ezahlukahlukene.

UNgqongqoshe uqede ukubongisa abantu baseNkungumathe wadlulela ezinkundleni zemidlalo eChwezi enhla neNkandla nalapho efike wabazisa ukuthi ngeke besadinga ukugibela kaningi uma befuna ukuyothola izidingo ezitholakala emtapweni wolwazi.

"Mphakathi waseChwezi senizogibela kanye vo uma nifuna umtapo wolwazi, kodwa nakunina sizowuletha uma ningasinika amandla okuqhubeka nokubusa leli zwe nale ndawo", kuqhubeka uNkk. MaSithole Moloi.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi uyivale ngokuthi acele umphakathi ukuthi uwuvikele umtapo wolwazi. Kulabo abathanda ukucekela phansi impahla uma befuna ukunakwa uthe akafuni ukubuya aqale phansi alethe into ebisivele ikhona, kodwa ufisa ukubuya eselethe amanye amakhompyutha uma lawa akhona esephelelwe yisikhathi eminyakeni ezayo.



*UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk. Bongiwe Sithole-Moloi nezikhulu zomnyango*



# UMnyango wezobuciko namasiko wethule ngokusemthethweni ingqalasizinda ezodla u- R110 Million esiFundeni Ugu

**NOLOYISO MBALANE**

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali wethule ngokusemthethweni ingqalasizinda ezodla u-R110 million esiFundeni uGu. Lokhu kubandakanya ukwakhiwa komtapo wolwazi wakwaVulamehlo nokunwetshwa nokulungiswa komtapo wolwazi wasePort Shepstone nesigcinamagugu sezasolwandle (maritime museum).

UNgqongqoshe Bongiwe Sithole-Moloi uhambele lezi zindawo ngenyanga edlule. Kunemitapo yolwazi eyi-11 ngaphansi kukaMasipala i- Hibiscus Coast esetshenziswa ngabantu abababalelwa ku-256 135, okwenza kubonakale ukuthi kunesidingo sokuba kubekhona umtapo wolwazi omkhulukazi. Ngenxa yalesi sizathu, umtapo wolwazi omdala wasePort Shepstone uyanwetshwa ukuze ube yizitezi ezintathu (3) okuzodla u-R67 million. Lokhu kuzoselekelela ukuba sikwazi ukuhlinzeka izinsiza zethu kuwona wonke umphakathi kanye nezindawo eziseduzane. Kulindeleke ukuba ukwakha kuphothulwe ngoNhlangulana wezi- 2018. Ukwakhiwa kabusha kwe-maritime museum, eseduze kwehhotela i- Kapenta Bay, kuzodla imali engu-R17 million.

Besisincane kakhulu lesi sigcinamagugu esidala futhi besesinokudilika okwenza izimpahla eziqokelelwe zonakale. Lesi sakhiwo esisha sizoba nendawo eyanele yokugcina lezi zimpahla ezivele sezaqokelelwa kanye nezibekwe zayimibukiso.

Amanye amagumbi akhona azosetshenziswa ukwamukela izikole ezihambele le ndawo. Lo mklamo wokwakhiwa kwalesi sigcinamagugu uzophothulwa ngoNdasa wezi- 2017. Kumanje kwakhiwa umtapo wolwazi wakwaVulamehlo kanti uzodla imali elinganiselwa ku-R28 million, okulindeleke ukuba uphothulwe ngaphambi kokuphela kwalo nyakamali. I-Hibiscus Coast izohlomula nangemitapo yolwazi yokufundela emibili ezoba KwaXolo naKwaNzimakwe, ezodla imali elinganiselwa ku-R18 million.

UMnyango kumanje usaphezu kohlelo lokuphothula ukuqokwa kwezinkampani ezizoqala zidwebe amapulani ale mitapo yolwazi ngaphambi kokuphela kwalo nyakamali. IsiFunda uGu naso sizohlomula ngomtapo wolwazi omusha ozoba kuMasipala uMzumbe. Imali ebekelwe lo mklamo ilinganiselwa ku- R25 million. UMnyango wakha imitapo yolwazi emikhulukazi, imitapo yolwazi yokufundela kanye nemitapo yolwazi ezosetshenziselwa izindlela ezahlukahlukene.

Ubukhulu bomtapo wolwazi buya ngenani labantu abahlala kuleyo ndawo UNgqongqoshe Sithole-Moloi uthe, "uMnyango, ubambisene nomasipala, ujutshwe nguMthethosisekelo ukuba uhlinzeke imitapo yolwazi yomphakathi kanye nezinsiza zezolwazi emphakathini. Inhloso yalokhu ngukuqinisekisa ukuthi abantu bafinyelela ngokulinganayo emtapweni yolwazi, izinqolobane zolwazi nakuzigcinamagugu ezisezingeni elifanele. Ukwakhiwa kwale mitapo yolwazi kuzodala amathuba omsebenzi okuzofaka isandla ekuncishisweni kobubha kanye nokungalingani. Lezi zinhlelo zizokwelekelela ekwandeni kwentuthuko esiFundeni sasoGwini. Sikhuthaza imiphakathi, intsha nabadala ukuba bayiphathise okwezikhali zamantungwa futhi basebenzisane nathi kulokhu."



*UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk. Bongiwe Sithole-Moloi nezikhulu zomnyango*



**"Ngakho-ke** ngithi asidlule sithi, umuzi nomuzi makuphithizele izifundiswa noma zibe ntathu kuye phezulu kulabo abaphiwe inzalo"

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UNGQONGQOSHE WEZOBUCIKO NAMASIKO UNKOSIKAZI UMASITHOLE-MOLOI UTHI MAZIDLE EKHAYA KWANONGOMA

**STHEMBISO SHANGASE**




*UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, uNkk. Bongiwe Sithole-Moloi nesikhulu somnyango ngesikhathi benikezela ngezipho kwaNongoma*

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu Natali uNkk Bongiwe uMaSithole Moloi udonse abantu baKwaMandlakazi KwaNongoma enyakatho yesifundazwe ngendlebe ukuthi beseke imizamo yezinhlangano zosomabhizinisi abasafufusa endaweni.

UNgqongqoshe ubekulendawo eyonikela ngezinsimbi zokucula, imishini yokuthunga kanye nempahla yezemidlalo eyayicelwe yizakhamuzi zakulendawo emakomidini ahlala ezithangamini zomshikashika kaSukuma Sakhe (OSS)."Ngalemishini yokuthunga esiyinika amawadi amane asibhekile ukuthi kuthungwe amaphinifa kodwa sicela ukubona imifaniswano yesikole ekhiqizwe ngayo", kusho uMaSithole Moloi.

Uthi ufisa ukuthi mhlazane ebuya endaweni abone kuchaywe phansi amacansi amahle alukwe ngezintambo abezilethile nemifaniswano yezingane zesikole.

"Nani zakhamuzi hlukanani nomqondo wokuthanda izaphulelo uma nithenga kubantu bendawo, thengani ngaphandle kokucela ukwephulelwa", Kuqhuba yena uNgqongqoshe uMaSithole Moloi.

Ugqugquzele abantu ukuthi bathenge eduze, bayeke ukuthatha imali beyothenga ngayo emadolobheni akude ngoba lokho kudla imali eshisiwe uma usubala imali yokugibela neyokuthenga.

Uphinde weluleka labo abathole lemishini nezinsimbi ukuthi bangavukwa umona bagcine sebexabana bodwa behlukane phakathi.

"Kwenye indawo sanikela ngezinsimbi zokucula kwathi uma iqembu lengoma selixabana kwaba yiloyo wazithathela akuthandayo kwakhona abathatha izigingci abanye bathatha izimfiliji abanye bathatha izigubhu bajokola nazo ngokwahlukana, okuyinto embi kakhulu", Kukhuza uNgqongqoshe.

Uqede ukweluleka abahlomulile wahlala amagqozo ekuziphatheni kwabantu ecacisa ukuthi lemishini yokuthunga nezinsimbi zokucula kulethelwe ukuthi kuxoshe ikati eziko nokuthi kunqobe izinkinga ezikhungethe umphakathi njengobubha nobunswelaboya. Ukhuze amadoda ukuthi ahlukane nokuhlumeza izingane nabesifazane.

"Usuke ungeyona indoda uma uhlukumeza unukubeza izingane usaba ukweshela ontanga yenu", Kusho uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Ube esedonsa ngendlebe omama nobaba ukuthi bafundise izingane zabo ngokuziphatha, amantombazane ahlale ngentombi bese kuthi nabafana baziqoqe bapheze ukuba wuhlupho emphakathini.

Uyivale ngokuthi inhloso kahulumeni okhona manje ukusondela emphakathini kwakhiwe isizwe esiqinisa kwezemidlalo esiphila saka nesiyizingqongqo kwezemidlalo emhlabeni.

# Ungene shiqe uHulumeni kwaMhlabuyalingana kanti nentuthuko isibonwa ngamehlo

**CUTHBERT NZUZA**

Kungensuku zingaki kade uHulumeni eye eNdumo eyohlola ukuthi intuthuko iqhubeka kanjani, ubuyele futhi kwaMhlabuyalingana.

UNgqongqoshe wezoKuthutha, ezoKuphetha kanye nezokuXhumana uMnu Mxolisi Kaunda uqale waba nochungechunge ehambela izinhlelo zentuthuko.

Uhambo lwakhe uluqale ngokuhlanganisa amehlo nomndeni wakwaMsweli eSicabazini.

Lo mndeni waduma emva kokubulawa ngesihluku uNksz Thandazile "Nanana" Msweli obenebala elimhlophe.

Ungqongqoshe unike umndeni indlu egameni likaNdunankulu waKwaZulu-Natal kanye nezimpahla. UNgqongqoshe uMnu Kaunda ubephelezelwa iNkosi Mabhudu Tembe ephethe amakhosi onke akwaMhlabuyalingana, iMeya yomkhandlu kanye noSomlomo wakwaMhlabuyalingana.

Ugogo kanye nobaba omdala kaNanana umnu Sam Msweli kubenenjabulo bebona uHulumeni engenelela odabeni lokufa kwengane eyabulawa abantu bambe ababenza imikhuba yabo.

Emva kwalokho uNgqongqoshe uKaunda uvule isikhungo samanzi esizophakela umphakathi khona eSicabazini. Ukwakhiwa kwezigwedlo zamanzi ikhona okuyisixazululo kulesisimo esibi sesomiso esihlasele indawo yaseMkhanyakude.

UMnu Khaunda ucele abantu ukuthi balekelele ekusizeni uHulumeni ukuba bazilandele izindlela zokongiwa kwamanzi.

"Iziphehla manzi yizo eziyisisombululo ekufinyezeni amabanga amade ahanjwa imiphakathi eyofuna amanzi.

Yizo eziyizixazululo ekutheni abantu bangaphuzi amanzi nezilwane. Yizo ezenza abantu baphuze amanzi ahlanzekile futhi bavikeleke ezifweni ezitholakala emanzini agcolile."

Uhambo lomzungezo luze lwafinyelela nasemngceleni weKwaZulu-Natali kanye neMozambique.

Inhloso yokuya emngceleni bekuyobheka isimo sokuphepha kanye nomkhuba osuyintsakavukela wokweqiswa kwezimoto zidayiselwa abangaphandle kwezwe lethu.

Abaduni bezimoto basebenzisa wona lomzila ukweqisa izimoto zingene eMozambique.

Ukhuze ibhadi uNgqongqoshe wathi abaqapha umngcele baxhoshwa kanjani bebhekile ngoba nsukuzasatshwala kubikwa inqwaba yezimoto ezishiya leli lethu ziphelele ezweni eliwumakhelwane.

UNgqongqoshe uKaunda ubesehambela umphakathi obubuthene ezinkundleni zezemidlalo zakhona kwaNgwanase lapho ethule inkulumo ebihlabahlosile.

Enkulumeni yakhe ubale imisebenzi esiyenziwe uHulumeni. Utuse nozakwabo abayibambile eyentuthuko ngomsebenzi osewenziwe ekwenzeni izimpilo zabantu ukuba zibe ngcono.

Ubale imisebenzi eseyenziwe koNdumo, ukufakelwa kukagesi ngisho nasezindlini zodaka, amanzi, imigwaqo, izikole imitholampilo njalo njalo.

Wacela umphakathi ukuthi uma intuthuko ingakafiki ngakini abantu abaxhumane namakhansela balandele imigudu elandelwayo ukuze uHulumeni angenelele.



# INJABULO BEBUYISELWA UMHLABA KWADUKUZA

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

"UMA umuntu ekuyenga ngokuthi thatha imali ushiye umhlaba wakho lowo muntu akakuthandi ngoba umhlaba yiwona okhiqiza imali kodwa imali ayiwukhiqizi umhlaba." Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnu Themba Mthembu, emcimbini wokunikezelwa komhlaba esizweni sakwaGumede eNkanini, ngakwaDukuza. UNgqongqoshe uMthembu ubehambisana neKhomishana yokuBuyiswa koMhlaba esiFundazweni belethe amatayitela omhlaba adle imali elinganiselwa ku-R140 Million.

UNgqongqoshe utuse ubuhlakani benkosi T.B. Gumede esanda kukhothama ngokufaka isicelo sokubuyiselwa umhlaba egameni lomphakathi eminyakeni eyi-18 eyedlule emva kokuthi lomhlaba wathathwa ngendluzula ngo-1971.

"Inkosi uT.B. Gumede yayiwukhathalele umphakathi ngoba ayifakanga isicelo somhlaba egameni layo futhi ayifunanga isinxephezelo kodwa yafuna umhlaba egameni lomphakathi," kusho uMthembu. Inkosi yesizwe saseNkanini, inkosi D.Z. Gumede ibonge umnyango ngokwenza konke okusemandleni ukubuyisela umhlaba ezandleni ezifanele. Inkosi ibuye yagxeka ubuvila kubantu abangafuni ukulima.

"Ezolimo yizona ezizosiphuthumisa sisheshe siphume ebubheni. Abantu abaningi bayakuvilaphela ukulima, babika izifo ezinhlobonhlobo umakuphathwa indaba yokulima," kusho inkosi uGumede.

Amazwi enkosi esekwe ngungqongqoshe lapho ethe khona abantu bahambela kude nokulima ngoba babegqilazwa ngabathile ngokulima. "Abantu babeyizigqila kakhulu belima amasimu abacindezeli nokwenza bekubalekele ukulima ngoba bekubuka njengento egqilazayo,



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya eKZN, uMnuz Themba Mthembu, unikezele ngetayitela lobunikazi bomhlaba emphakathini waseNkanini ngakwaDukuza*

kusafanele kususwe leyonsila yokubuka ukulima njengobugqila.

"Ngithi mazibuye emasisweni, izingane zethu mazifundiswe zisesemazingeni aphansi ukuthi umhlabathi usetshenziswa kanjani ukuze sinothe ngawo," kusho uMthembu. Ngaphambi kokuba lomcimbi uqale, uNgqongqoshe uvule ngokusemthethweni i-Nkanini Qwabe Sugercane Project esivule amathuba omsebenzi kubantu abaningi abakhele lendawo. UNgqongqoshe uMthembu ukhuthaze ama-projekthi anjengalena ngoba adala amathuba emisebenzi amaningi futhi alwa nobubha emindenini eminingi wathi kubalulekile ukuthi izivande zemifino zingayekwa ngoba ziyalekelela ekulweni nendlala. UNgqongqoshe uqhube wathi ukusuka manje kubhekwe phambili imali exhasa abalimi ekhishwa nguMnyango bazoqinisekisa ukuthi intsha nabesifazane bayahlomula kuyo, kungenjalo ngeke bayikhiphe imali uma lezonhlaka zingamelelekile.

"Ukusuka manje sibheke phambili sizodinga ukwazi ukuthi lingakanani inani lentsha nabesifazane ababandakanyekayo kuleyo projekthi, uma bengekho ngeke siyikhiphe imali ngoba sihlose ukubafukula kwezomnotho futhi sifuna ukubaheha endimeni yezolimo njengoba namathuba emisebenzi entuleka nje." kusho uMthembu. Umphakathi obuphume ngobuningi ukuzothamela lomcimbi uphume wenelisekile njengoba ubusho ukuthi lomhlaba uzobalekelela ekuxosheni indlala futhi befundise nezingane zabo ezikhungweni zemfundo ephakeme.

# Ukubuyiswa komhlaba kubuyisa isithunzi kubantu bakwaZulu-Natali

**LONDIWE NGIDI**


*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, enikezela ngetayitela lobunikazi bomhlaba kuSihlalo weKwaCele Community Trust, uMnuz Themba Nzuza kantu ababukelayo nguMqondisi oMkhulu weKhomishini yezokuBuyiswa koMhlaba eKZN, u-Adv Bheki Mbili neNkosi Cele*

IKHOMISHANI ebhekele ukubuyiswa kweMihlaba KwaZulu-Natali ngokubambisana noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni bafeze amaphupho abantu baseGolokodo, eFolweni, ngaseThekwini, ngesikhathi benxeshezelwa ngomhlaba wabo owathathwa ngendluzula.

Abantu baseGolokodo babuyelwe yithemba lokuthi ubulungisa bukhona kuHulumeni nengalokhu bethole ukunxeshezelwa ngomhlaba abathathelwa wona ngendluzula.

Lomphakathi owawungaphansi kwenkosi uMakhanya, waphucwa umhlaba owawunothile ababekwazi ukutshala izithelo ezinhlobo nhlobo endaweni enkulu yabo nokufuya imfuyo. Iyona indlela ababephila ngayo, neyayibasiza bakwazi nokuthengisa imikhiqizo eyayiphuma emhlabathini ukwenza ngcono isimo sempilo. Babuyiselwe imali engaphezulu kwezigidi ezingu-44, ehlukaniselwe imizi engu-397 enamalunga angaphezu kuka-2382.

Lokhu kwenzeka emva kweminyaka engamashumi nesishiyagalombili lapho bafaka isicelo sokubuyiswa komhlaba. UNgqongqoshe, uMnuz Themba Mthembu, ekhuluma kule nkundla uthe: "Lesi isikhathi sokujabulela inkululeko emva kobunzima lomphakathi obubhekene nabo nokho-ke lesi sinxephezelo sincane kakhulu uma sicabanga ubunzima lo mphakathi owawubhekene nabo ngenkathi ususwa emhlabeni wawo." Omunye umphakathi ohlomulile kulolu hlelo lokubuyisela imihlaba kubantu ngowaKwaCele kwaDukuza.

Lo mphakathi unikezwe ngokusemthethweni itayitela lobunikazi bomhlaba wakwaCele ongamahektha angu-7200.

Lo mphakathi omelwe iKwaCele Nhlangwini Communal Property Trust washeshe wacacisa ngokungangabazi ukuthi wona ufisa ukubuyiselwa umhlaba esikhundleni semali. Bese kuyiminyaka engaphezulu kweyishumi wafaka isicelo sokubuyiselwa umhlaba wawo.

Umhlaba waseLangespruit Estate ubuyele wonke kwiTrust yakwaCele. Isivumelwano sobambiswano phakathi kwabalimi bakwa-Crookes Brothers Limited yaba impumelelo njengoba kwavunyelwana ukuthi ingxenye engango-51% eyaKwaCele Communal Property trust nengxenye engango-41% eyeCrooks Brothers limited.

Baphinde bavumelana ukuthi bazosebenzisana njengoba iKwaCele Trust ibingenazo izinsiza kusebenza namakhono okuphatha lo mhlaba. UMthembu uphinde wagqugquzela lo mphakathi ukuba ubambe iqhaza elikhulu kwezoLimo ukunyusa umnotho eNingizimu Afrika. Uthe: "Kufana nokuzibulala ukubona ezoLimo njengento yakudala ekubuyisela emuva ngoba ezoLimo zibaluleke kakhulu ekuqinisekiseni ukudla okwanele ezweni lonke," kusho uMthembu.



**"Ngithi mazibuye emasisweni, izingane zethu mazifundiswe zisesemazingeni aphansi ukuthi umhlabathi usetshenziswa kanjani ukuze sinothe ngawo"**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# ISAKHIWO SAMADELA SIZOTHUTHUKISA UMNOTHO WABAFUYI BASEJOZINI

**SIMPHIWE NDWANDWE**

Njengoba abafuyi baseJozini namaphethelo bebelokhu bebhekwe yisambane ngenxa yesomiso esidlangile futhi bengazi ukuthi bazothathani bahlanganise nani ukuze bavike ukufelwa yimfuyo, ukwakhiwa kwamadela sekuzoletha isixazululo.

Isakhiwo samadela siqalwe ngonyaka owedlule ngenjongo yokuba kusondezwe eduze kwabantu bakuleya ndawo isizinda sokuhweba ngemfuyo ukuze kwakheke amathuba ebhizinisi kubafuyi.

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uThemba Mthembu, ukujabulele ukubona ukuthi umsebenzi wokufukula abafuyi baseMkhanyakude usuya ngakuvuthondaba.

Uthe amadela azoba ngumzila ozohlanganisa abafuyi bakule ndawo nosomabhizinisi benyama futhi inhloso yayo ukuba kugqugquzelwe abafuyi ukuba bakwazi ukuphatha umkhakha wemfuyo ngendlela ezuzisayo.

Lo msebenzi sekuselel kancane ukuba uphothulwe njengalokhu ukwakha sekuhambe indima elinganiselwa ku-90%. Kule ndawo kwakhiwe amahhovisi, indawo yamadela, indawo yesiqandisi, indawo kanogada bese kuba yindawo yokuhlala igenerator.

Ezinye izinto ezikhona ngamathango, izigwedlo, indawo yokugcina izikhumba zezinkomo, izindawo zokushintsha abasebenzi, imibhede yesitimu, izibaya, yindawo yokwemukela imfuyo, ucingo lokubiya nemigudu yokulawula amanzi emvula.

Isiyonke imali esingethe lo msebenzi ilinganiselwa ku-R60 million futhi ukwakhiwa kwayo ngempumelelo kube ngenxa yokusebenza ngokuhambisana phakathi koMnyango nezinye izinhlaka okubalwa kuzo uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi, owezoHwebo neziMboni eKZN, owaziwa ngokuthi yi-TIKZN, uMasipala wesiFunda uMkhunyakude nenhlangano yabafuyi yaseMkhanyakude.

Lo msebenzi uzozuzisa abantu abangu-6120 futhi kulesi sibalo amaphesenti angu-40 ngabantu besifazane. Kuvuleke amathuba emisebenzi engu-60 kanti kubhekwe ukuba kuphinde kusunguleke amanye ayikhulu ukuze kuqasheke abantu basendaweni uma amadela eseqalile ukusebenza



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ehamba nethimba loMnyango ngesikhathi kubukwa ngaphakathi esakhiweni samadela.*
***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

ngokugcwele. Lesi sikhungo siyingxenye yesu lesiFundazwe lokuphucula umsebenzi wokufuya esiFundazweni.

Inhloso yokuba kube khona lesi sikhungo ukuba kusizakale abafuyi ukuthi babe nolwazi ngokufuywa kwemfuyo, ukuphathwa kwamadlelo nokuthuthukiswa kwempilo nokuzalaniswa kwezilwane futhi kuncishiswe izifo.

"Okwamanje iNingizimu Afrika iphambili ekudayisweni kwenyama okuhlanganisa eyenkomo, eyemvu, eyengulube neyenkukhu idayiselwa amazwe angaphandle.

Noma kunjalo, isiFundazwe singakwazi ukugxila embonini yemfuyo futhi sikhiqizele izakhamizi zaso bese eminye imikhiqizo siyise kwezinye iziFundazwe nasemazweni angaphandle," kusho uMthembu.

Ngokwesibonelo, abafuyi abancane eKZN banezinkomo ezibalelwa ku-1,5 million lokhu okusho ukuthi laba bafuyi bangabanikazi bemihlambi engakhiqiza inani lenyama yenkomo elingu-55% ezimakethe kodwa okwamanje bafaka nje umnikelo ka-5%.

Ukuze kuxazululwe lesi simo, izinhlelo ezibhekele ukukhiqiza inyama ebomvu sezenziwe ikakhulukazi eJozini ukuze kufukulwe abafuyi ababencishwe amathuba.

UMnyango wezoLimo wethule izikhungo zezindali eJozini naseManguzi ngaphansi kohlelo lokuthuthukiswa kwengqalasizinda. Isikhungo saseJozini sathuthukiswa ngo-R5 million.

UMthembu uthe kukhombisa impumelelo enkulu ukuthi njengamanje izindali esezenziwe kulezi zindawo ziletha inzuzo enhle kubafuyi bendawo.

Ephetha uthe: "UHulumeni waKwaZulu-Natali unalesi siqubulo: SinguHulumeni odlondlobalayo, othuthukayo futhi onakekelayo omehlo awo athe njo kwingomuso.

Lapha eJozini isibophezelo sethu, yileso sokuba silethe impilo engcono kubantu bakithi," kusho uMthembu.

# UMphakathi wasoLundi uyibona ngamehlo intuthuko elethwa nguMnyango wezoLimo

**SIMPHIWE NDWANDWE**

Selokhu kwaqala isomiso eminyakeni engaphezulu kweyisithupha eyedlule, isiFunda iZululand singezinye zezindawo ezikhinyabezeke kakhulu KwaZulu-Natali. Kulesi siFunda, esiyinhliziyo yombuso waKwaZulu, ukuntuleka kwamanzi nendlala yezimvula bekulokhu kuyiva enyameni kubalimi yonke le minyaka yokubhoka kwesomiso.

Nakuba isimo simuncu kanjalo kodwa uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali awukaze uzithele ngabandayo uma kumele usize abafuyi bakule ndawo. Muva nje uMhlonishwa uThemba Mthembu, onguMphathiswa waloMnyango, uhambele eMabedlana, esigodini sakwaMpothi, esingaphansi kukaMasipala wasoLundi, lapho ebeyobuka ukuthi umphakathi wakuleya ndawo ususizakale kangakanani ngosizo olulethwe nguMnyango. Le ndawo yakhelwe isigwedlo samanzi kanti uMnyango wabuye wagubha inyakanyaka yedamu lokuphuza imfuyo futhi kunikezelwe ngamathango ojojo kwaphinde kwanikwa umphakathi amabhele ezinkomo. Uhlabeke umxhwele uMvelase njengoba kumkhanyele ukuthi uMnyango wenze omkhulu umsebenzi ngokwakhela umphakathi wakule ndawo isigwedlo kwazise amanzi axhaphakile imfuyo ibonakala ichachambile. Kungashiwo kugcwale umlomo ukuthi inkinga yamanzi okuphuza imfuyo isixazululekile kwaMpothi kodwa kusewumqansa ukuthola ukudla kwemfuyo okunjengamabhele noma utshani obuthengwayo. Uma ubuka amadlelo ezinkomo kuhlengezela izinyembezi ngoba abusekho utshani sekwaba wugwadule nje lokho okuye kwadala izinhlupheko ezinkulu kubantu bakule ndawo abafuyile. Nakuba kuyakhulunywa ngokuchachamba kwemfuyo yiwo belu uMnyango wezoLimo owaqhamuka nohlelo lokuba kukhothiswe imfuyo ngemikhumiso namabhele abafuyi abebewalanda mahhala eShowe esitolo esinesivumelwano sokuhlinzeka usizo kubalimi bakuleya ndawo.

Yonke le mizamo uMhlonishwa uMvelase uthe yenziwe ukuze kufezwe izethembiso ezenziwa nguHulumeni kubantu basoNdini ngemuva kokuba sezizwakele izikhalo zabo ngokugubuzelwa yisomiso. UMnyango wazibophezela ukuvuselela amadamu emfuyo angu-15 futhi waphumelela ukukwenza lokhu nakuba amathathu sekusele kancane aphothulwe.

Ukusingatha lo msebenzi kwenzeke ngenxa yobambiswano oluphakathi kolo Mnyango nokazwelonke wezeMihlaba nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya oholwa nguMhlonishwa uGugile Nkwinti.

Ngenxa yalolu bambiswano kwakhiwe izigwedlo eziyisikhombisa esezihlanganiswe nalezi esezibaluliwe ngemali elinganiselwa ku-R3.7 million. Isigwedlo sakwaMpothi sisezingeni eliphezulu kakhulu njengalokhu sinemishini esilawula ukuba sidonse amanzi phansi uma esephelile kobheseni ababili



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya Kwazulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, nesikhulu salo Mnyango uMnuz Jerry Mfusi ngesikhathi behlola ukusebenza kwesigwedlo samanzi oLundi*
***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

abavulekile abaphuza izinkomo futhi siyakwazi ukuzivala uma amanzi esegcwele.

Sona nedamu elibaluliwe sidle imali elinganiselwa ku-R8.5 million. Isiyonke imali esetshenziswe ukubhekana nesomiso oLundi ilingansielwa ku-R27.6 million njengalokhu ihlanganisa nokuthengwa kokudla kwezinkomo nemijovo yokubulala izikelemu emfuyweni. Bangu-1535 abalimi abasizakele ngosizo oluvela eMnyangweni. "Kumele ngedlulise ukubonga kini nonke ngokuba ningadikibali. Abesimo sezulu bathi kumele silindele ukuthi lizoyidliva ngo-Okthoba nonyaka.

Sethemba ukuthi uma lokhu kuba yiqiniso imisebenzi ehlelelwe le ndawo iyoqhubeka ngononina," kusho uMthembu.

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT
sibungaza inyanga yabesifazane
WOMEN UNITED IN MOVING SOUTH AFRICA FORWARD

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu

# KUQOPHEKE UMLANDO KWETHULWA UMTHOLAMPILO OSEZINGENI ELIPHEZULU OBHEKELE IZILWANE ZASEKHAYA

**SIMPHIWE NDWANDWE**

Impilo yabantu abafuye izilwane zasekhaya ezindaweni ezizungeze eMashona oLundi ngeke zisafana nasekuqaleni njengalokhu uHulumeni wakhele lo mphakathi umtholampilo osezingeni eliphezulu obhekele ukwelashwa kwezilwane.

Injongo yalo mtholampilo ukuba kusizwe imiphakathi yasemakhaya engenawo amandla okubhekana nezindleko zokufumana usizo kodokotela bezilwane abazimele abamba eqolo.

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni, uMnuz Themba Mthembu, wethule lo mtholampilo ngokusemthethweni muva nje ngesikhathi ehambele kuyo leya ndawo. Unamagumbi angaphezulu kwamahlanu futhi kusizwa izilwane ikakhulukazi izinja namakati ngemigomo nokuhlinzwa ezimweni eziphuthumayo. Njengalokhu umtholampilo usendaweni yasemakhaya futhi kubhekelwa imindeni entulayo kukhona nabenza ucwaningo bezinze kuwo umtholampilo abaphuma eNyuvesi yase- Illinois e-United States of America.

Ukuba sezingeni eliphezulu kwalo mtholampilo kucace bha njengalokhu sekunezinto ezikhonjwayo ekusizeni izilwane ezizithole zibhekene nezingozi ezehlukene.Kusanda kuhlinzwa inja yokuzingela i-Greyhound eyalimala umlenze wangaphambili kwesokudla okwaba yimpumelelo nakuba kwadingeka odokotela bayinqume lowo mlenze kodwa iphila saka manje.

Ukusinda kwale nja kuwubufakazi bokuba semqoka kosizo lwale klinikhi eyakhiwe nguHulumeni ngoba mhlawumbe ngabe yabulawa le nja ukube wawungekho. Kuwo lo mtholampilo kunezimoto ezimbili ezingomahamba nendlwana futhi ezihlinzekwe ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe obuseqophelweni lwegumbi lesibhedlela sezilwane.

Zikhishwe nguMnyango ukuze zihambele imiphakathi ukuyosiza abafuyi bazo zonke izinhlobo zezilwane ezitholakala emizini yabantu. Ziyasiza futhi ukusondela emiphakathi engenawo amandla okubhekana nodokotela bezilwane abazimele nasekungandweni kwamarabi.UMhlonishwa uMthembu uthe ukusingulwa kwalo mtholampilo kuqhamuke esikhathini lapho kubaluleke kakhulu ukuba kulawulwe izifo zezilwane. Uthe bayajabula ukuthi amarabi aselawuleke ngempumelelo ngenxa yokuthi uMnyango usukumel ngazo zombili ukuze kugwenywe ukubheduka kwalesi sifo esike sabhilita eminyakeni emihlanu edlule esiFundazweni. Uncome ukuzinikela kodokotela abasebenza kule ndawo kuhlanganisa nabasebenzi njengalokhu amalungu omphakathi ebonakala ephuma engena ezofuna usizo futhi bonke abasebenzi bematasa belekelela abafuyi bezilwane.

"Sizimisele ukuthi sifake isandla kuyo yonke imiphakathi yakuthi entulayo ukuze abanty bakithi bathole ukunakekeleka okuseqophelweni eliphezulu njengeminye ekhomba ngophakathi kwezomnotho.

SinguHulumeni senza okusemandleni ukuvala igebe lokungalingani kokutshalwa kwezinsiza emiphakathini yakithi," kusho uMthembu. Uthe imiphakathi yakule ndawo neyakhele uLundi kumele iwusebenzise lo mtholampilo ukuze kulawuleke ukubheduka kwezifo futhi izilwane ezigulayo nezilimele zingasokoli.







*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu ubechushiswa nguDkt Kutwana mayelana nokusebenza komtholampilo ongumahamba nendlwana obhekele ukwelashwa kwezilwane zasekhaya*
***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

# Bathi bagculisekile ngomsebenzi woMnyango wezokuThutha eMnambithi

**MSIZI ZULU**

Sezizoncipha izindleko zokugibela kanye nokuhamba amabanga amade emphakathini waseBleuback nasePeacetown, eMnambithi kulandela ukulungiswa kwemigwaqo emibili kule ndawo u-P187 no-P1524.

Lokhu kulungiswa kwale migwaqo kulindeleke ukuthi kwehlise nezinga lezingozi ezidla lubi kule ndawo kulandela ukungabi sesimweni esihle sale migwaqo.

UMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi utheleke kule ndawo ukuzomemezela ngezinhlelo ezikhona zokulungiswa kwale migwaqo emibili.

UNgqongqoshe walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda uthe ukulethwa kwale misebenzi emibili yemigwaqo endaweni yeNkosi uKhumalo waseBuntungakholwa kusho ukuza kwentuthuko eningi kule ndawo njengoba kwaziwa ukuthi lapho kunomgwaqo wetiyela intuthuko iza kalula kuleyo ndawo.

"Indawo yaseMnambithi isihanjelwe kakhulu kanye nezikhalo zakhona eziningi zifikile ezindlebeni zoMnyango wezokuThutha kwabonakala ukuthi kufanele zilalelwe izikhalazo zomphakathi waseBluebank nasePeacetown.

Namhanje ngizizwa ngijabule kakhulu ukuzoletha ushintsho ezimpilweni zabantu bakule ndawo njengoba uMnyango ufake isamba semali engu-R219 million ohlelweni lokulungiswa kwale migwaqo emibili," kusho uKaunda. Ilunga lomphakathi elizithakasele lezi zindaba zokufika koMnyango, uMthokozisi Kubheka, nozohlomula ngokulungiswa komgwaqo waseBleuback uthe ugcwele intokozo yodwa ngokulethwa kwale ntuthuko ekade beyilindele elethwa uMnyango wezokuThutha endaweni yangakubo. Uthe ubehlale ezwa kuthiwa uNgqongqoshe walo Mnyango uhambele eMnambithi kodwa engafiki ngakubo kodwa wathi ukufika kwakhe kule ndawo kumvale umlomo futhi usenesiqinisekiso sokuthi uMnyango wezokuThutha ufinyelela kuzona zonke izindawo ngisho zasemakhaya imbala.

"Ngiswele imilomo eyizinkulungwane yokubonga angazi nokuthi ngingaqala ngithini njengoba amathemba abeseqala ukushabalala kuthina zakhamizi zakule ndawo.

Sekuzoba lula manje ukuphelezela ugogo wami ukuya esikhungweni sempesheni kanye nezimoto zethu angeke zisasheshe zilimale njengoba sezizohamba etiyeleni ukuya ezindaweni ngezindawo," kubeka uKubheka.

UMnambithi ungezinye zezindawo ezisezinhlelweni zokuthuthukiswa kwamadolobha amancane ngengqalasizinda eqondene nokulungiswa kwemigwaqo.

Umgwaqo u-P1524 ongamakhilomitha angu-4.7 kufakwe kuwona imali engu-R51.9 million bese kuthi u-P187 ongamakhilomitha angu-12 khona kufakwe engu-R120 million.

Kulindeleke ukuthi kule misebenzi kuqashwe abantu besifazane abangamaphesenti angu-30 bese kuthi intsha ibe ngamaphesenti angu-35 abazosebenza ngesikhathi sokwakhiwa kwale migwaqo.

Akuzogcina lapho njengoba intsha engamashumi amabili izohlomula ngemifundaze yokwakha imigwaqo ezoyihlomulisa nge-NQF Level 3 ezosebenza ithole imisebenzi emikhakheni yezokwakhiwa kwengqala-sizinda yemigwaqo.

UKaunda uphethe ngokunxusa amakhansela endawo ukuthi asebenzisane nosonkontileka ukuqinisekisa ukuthi abantu base-Bluebank nase-Peacetown bayahlomula ngamathuba emisebenzi ukuze kuxosheke ikati eziko.



*UMnu Mxolisi ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ukhuluma namalungu omphakathi waseMnambithi ngenkathi eyokwethula izinhlelo zentuthuko kule ndawo.*

# AMAPHOYISA ESIFAZANE AXWAYISA IZAPHULAMTHETHO EMGWAQENI

**MABUYI MKARRY**

Abesifazane abangamaphoyisa omgwaqo KwaZulu-Natal sebexwayise abashayeli abaphula imithetho yomgwaqo ngale nyanga ka-August ukuthi mabalindele ukubhekana nengalo yomthetho eqinile.

Amaphoyisa eRoad Traffic Inspectorate (RTI) agubha inyanga yabesifazane ngokwenza izivimbamgwaqo amakhona wonke esifundazwe. Ngeviki eledlule aqale eMnambithi lapho ebenkanise khona ngokuhlanganyela nabesifazane bombutho wamaphoyisa e-SAPS, amaphoyisa omgwaqo kuzwelonke iNational Traffic Police (NTP), amaphoyisa omasipala wasoKhahlamba naseMnambithi kanye nabasebenzi bophiko lwezokuphepha emgwaqeni eMnyangweni wezokuThutha.

Imbokodo isebenze ngokuzikhandla kusuka ngoLwesihlanu kanti abashayeli abaningi bebebabaza ukuthi bebengayilindele ivimbamgwaqo ngalolu suku njengoba bona bebelindele ukuthi ibe ngoLwesibili okuwusuku lweholide labesifazane. NgoMgqibelo kube nezivimbamgwaqo ezimbili ebeziwujikelele nezibanjelwe eTugela Toll Plaza kanye naseVan Reenen Pass.

Ukusa kubonwe yiyo imbokodo eqalise ngomsebenzi wawo ekuseni ngovivi. Ngesonto iphinde yabanjelwa khona futhi eTugela Toll Plaza okwesibili.

UNtomboxolo Thafeni oyiChief Provincial Inspector kwa-RTI uthe njengoba begubha iminyaka engu-60 abesifazane bamasha baya e-Union Buildings ngonyaka ka-1956, bona njengoba beyimbokodo kwezokugcinwa komthetho babone kufanele ukuthi babe nezivimbamgwaqo ngenhloso yokuthi banciphise izingozi nokufa kwabantu emgwaqeni.

"Ngale mpelasonto imbokodo ifike ngobuningi bayo izobheka isimo sezimoto, abadle amponjwana bese beshayela, abashayela ngesivinini esingavumelekile nokunye okungukuphula umthetho emgwaqeni. "Kuyajabulisa ukuthi imbokodo iyakwazi ukuzimela izibambele umsebenzi ongelula wokubopha izephulamthetho, ikakhulukazi njengoba kubuye kube nezinselelo ezininingi abahlangana nazo emsebenzini wabo, kubalwa abashayeli abasuke bephuzile bafune ngisho ukubashaya uma bebanika amathikithi noma kufanele baboshwe," kusho uThafeni.

Amaphoyisa esifazane athe ancamela ukuba semgwaqeni aqinisekise ukuthi imigwaqo yesifundazwe iphephile, baze badela imindeni yabo ngempelasonto, ngoba ukuphepha kwabashayeli ikona okuza kuqala kunako konke.




*Enye yezivimbamgwaqo ezenziwa ngamaphoyisa esifazane esifundazweni sonke kule nyanga ka-August.* **Isithombe: ZINGISA HLATHI**

# Kube yinjabulo abalwa nobugebengu bekhumelana umlotha KwaNibela

**MPHENDULELI NDLOVU, NOMFUNDO ZULU NOSINDISWA ZIKHALI**



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ubegida nomama bengoma ngenkathi kubungazwa ukuthelelana amanzi kwezinhlaka ezilwa nobugebengu KwaNibela eMkhanyakude.*

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Mxolisi Kaunda, uhambele indawo yaKwaNibela eHluhluwe ukuyohalalisela isizwe seNkosi uMdluli ngokuthi sigcine sikwazile ukusombulula ingxabano ngokuthula.

Eminyakeni emibili edlule kwaba khona ukungqubuzana phakathi kwezinhlaka ezimbili ezisebenza ukulwa nobugebengu okuyiSikebhe kanye neSakhisizwe.

Lokhu kungqubuzana kwaholela ekutheni lowo osenguNdunankulu manje, uMnu Willies Mchunu ajube ithimba loMnyango wezokuPhepha ukuba lisebenze le ndawo ukuletha uzinzo kanye nokuthula.

Nebala lezi zinhlaka zombili zafinyelela esiphethweni esihlakaniphile sokuthi bakhumelane umlotha.

UKaunda ufike kule ndawo kwaba yinjabulo yodwa iNkosi uMdluli, amakhansela kanye nomphakathi wonkana abanye babo abangamalunga eSikebhe kanye neSakhisizwe bebonga uKaunda ngokuthi azogeza esizwe, abahlabise ngezinkomo ezimbili. Kulo mcimbi kuvelile ukuthi vele loku kulusiko olwaziwayo kubantu abansundu ukuthi uma kade kukhona ukungaboni ngaso linye phakathi kwezinhlaka ezimbili, kuhlalwe phansi kuxoxiswane bese kuxolelwana. Ngemuva kwaloko kube sekuthelelwana amanzi loko okuba yisibonakaliso sokuthi lezi zinhlaka sezibuyisene. Inhloko yoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Themba Mavundla, uncome lezi zinhlaka zombili ngaloku ezikwenzile. Uthe lokhu kuyoba isibonelo sezinhlaka zonke nezigodi zonke kulesi sifundazwe. Impi ayikaze yaletha lutho oluhle, kunaloko kukhona umsindo ogcina usuholele ekutheni kube impi bese kufa abantu.

Eseshayela isipikili sokuthi njengoba sekuyiwa okhothweni lohulumeni basekhaya abantu abakhankase ngokuthula ngokuba yonke inhlangano inelungo lokukhankasa. Akungabikho muntu ozovimbela omunye ukuba enze njalo. Ucele ukuthi mhlaka 3 August, abantu baphume ngobuningi babo beyovota, bevotela umuntu abamthandayo.

Ube esehlaba labo abasebenzisa lesi sikhathi sokukhankasela ukuvota ukufeza izinhloso zabo.

Loku kuvele lapho amalunga omphakathi ethi, intuthuko kulendawo ikhetha amabala.

Ubuzwa ukuthi ungowayiphi inhlangano, wathi loku uzokufakela izibuko ngoba uhulumeni akananhlangano, ungowabantu bonke kanjalo nentuthuko ingeyabantu bonke.



**"Ukulethwa kwale misebenzi emibili yemigwaqo endaweni yeNkosi uKhumalo waseBuntungakholwa kusho ukuza kwentuthuko eningi kule ndawo njengoba kwaziwa ukuthi lapho kunomgwaqo wetiyela intuthuko iza kalula kuleyo ndawo."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# BASWELE IMILOMO YOKUBONGA BELETHELWA UHLELO LOMGWAQO ESHOWE

**MSIZI ZULU**

Ukubekezela kwabantu baKwaKhoza, eShowe kugcine kuthele izithelo ezinhle njengoba uMnyango wezokuThutha ubuhambele leya ndawo ukuyokwethula uhlelo lokwakhiwa komgwaqo u-D135. Lokhu kwakhiwa kwalo mgwaqo kwaba yisifiso sowayenguMongameli wakuleli ongasekho emhlabeni uMnu Nelson Mandela owayevakashele kule ndawo ezobona isimo semigwaqo esetshenziswa yizakhamizi zaKwaKhoza. Manje izifiso zalo mphakathi sezifezekile njengoba kule ndawo bekuthelele uMnyango wezokuThutha oholwa uNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda ukuzoqinisekisa ukuthi lo mphakathi nawo ubalwa naleyo ehlomula ngengqalasizinda yomgwaqo. UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uNkk Weziwe Thusi nobemele uKaunda uthe uMnyango wezokuThutha uzibophezele ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya njengoba kuyizona ezidinga izingqalasizinda zokwakhiwa kwemigwaqo nokunika abantu bendawo amathuba emisebenzi. “Kulo msebenzi wokwakhiwa komgwaqo u-D135 ozofakwa itiyela amakhilomitha angu-24 ubude uxhumanisa iMatigulu, idolobha laseShowe, iMpangeni neRichards Bay. Kulo msebenzi kufakwe isamba semali sika-R306 million futhi kulindeleke ukuthi ukwakhiwa kwawo kuthathe isikhathi esiyiminyaka eyisithupha ukusukela kulo nyaka esikuwona.

“Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kwaba yisifiso sikaMongameli uMandela owayezibophezele ngokubona izimpilo zabantu baKwaKhoza zithuthuka futhi ukwakhiwa kwawo kuzokwelekelela izakhamizi zendawo uma ziya noma zibuya emitholampilo, ezikhungweni zokuholela impesheni ubuye futhi wenze kube lula kubafundi bezikole ezihlukene ukufinyelela ezikoleni,” kuchaza uThusi. Ngokwakhiwa kwalo migwaqo bangu-103 osonkoltileka abasafufusa abazohlomula babe ingxenye yokwakhiwa kwalo mgwaqo.

ULindelani Msomi, ilunga lomphakathi laKwaKhoza uthe bese kuyinto efana nenganekwane kubona ukuthi nabo bazogcina behlomulile ngomgwaqo njengezinye izindawo ikakhulukazi wetiyela ngemuva kokulinda isikhathi eside ukuthi kwenzeke lokhu. “Ngijabule ngale ndlela ngiswele ngisho izimpiko zokundiza ngentuthuko esilethelwe yona uMnyango wezokuThutha. Nginethemba lokuthi lezi zingozi ezingaka esihlezi sizibona zenzeka kule ndawo yakithi ngenxa yesimo esibi somgwaqo angeke zisenzeka kwazise phela sezizoba nomgwaqo wetiyela nathi. Esikhathini esedlule abashayeli bamatekisi bebengasondeli endaweni yangakithi ngenxa yokwesabela ukulimala kwamatekisi abo manje sesinethemba lokuthi nathi asesozithutha ukuya ezindaweni ngezindawo njengawo wonke umuntu. Ngisho nabashayeli bamaveni sebezosithuthela izimpahla zethu zifike zingonakele noma zingalimele emakhaya ethu,” kusho uMsomi. Ngaphansi kwezinye izinhlelo ezingaphansi koMkhandlu uThungulu kubalwa amakhilomitha angu-31.3 ubude bomgwaqo u-P230 osuka eShowe uye eMpangeni owakhiwe ngo-R310 million osekusele ikhilomitha elilodwa ukuthi uqede ukwakhiwa, kube u-P218 no-P710 ongamakhilomitha angu-47 ubude ofakelwe imali engu-R546 million osuka eNtumeni uya eSundumbili kanye no-D883 oseNdulinde wona odle isamba sika-R546 bese uba ngamakhilomitha angu-23 ubude.



*UNgqongqoshe uNkk Weziwe Thusi obemele uNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda ubambisene neMeya yaseMlalazi uKhansela uThemba Zulu neNkosi uZwelombango Khoza ngenkathi kuphendulwa isoyi lomgwaqo uD135 eShowe.*

# UKaunda usiphendulile isicelo somgwaqo wetiyela eNkandla

**NONHLANHLA NDWANDWE noMSIZI ZULU**

ISIFISO sobuholi bendawo baKwaMagwaza, eNkandla sokufakelwa itiyela emgwaqeni u-P706 sifike sezwakala eMnyangweni wezokuThutha kulandela ukuhambela kuleya ndawo ngonyaka odlule ukuyovula ibhuloho lezimoto emfuleni iNsuze.

UNgqongqoshe walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda uthe ukwakhiwa kwalo mgwaqo u-P706 kuzoletha olukhulu uguquko kwizakhamizi zakule ndawo.

Lo mgwaqo owubhuqu unqamula kuleli bhuloho elisezingeni eliphezulu, kanti ngokomgomo woMnyango lapho kwakhiwe khona ibhuloho kumele lihambisane nomgwaqo nawo ozoba sezingeni lalelo bhuloho.

Alinganiselwa kwangu-200 amathuba omsebenzi azodaleka ngalo msebenzi wokuthuthukiswa kwalo mgwaqo usuka ekubeni ubhuqu ube yitiyela nofakelwe isamba emali sika-R418 million.

Inkosi yeSizwe saKwaMagwaza ithe ziyathokozisa izindaba zokuthi kuzolungiswa lo mgwaqo yathi nabo sebezohamba emgwaqeni wetiyela njengabo bonke abantu nokuzokwenza izimpilo zabantu zibe ngcono kunakuqala.



*UNgqongqoshe uMxolisi Kaunda ngokubambisana nobuholi bendawo uphendule isoyi lomgwaqo uP706 osuzofakwa itiyela eNkandla.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

“Ave kungangijabulisa uma lo mgwaqo ozothuthukiswa ungaba sezingeni laleli bhuloho laseNsuze elisezingeni eliphezulu.

Lo mphakathi wethu unezidingo eziningi njengoba kumanje singenazo izitolo nesinethemba lokuthi ngokwakhiwa kwalo mgwaqo maningi amathuba azovela,” kubeka iNkosi Magwaza.

UKaunda uthe kuyamthokozisa ukubona leli bhuloho iNsuze limile linje ngoba ngesikhathi esesekomidini lezokuThutha bahambela kule ndawo bafika ibhuloho elalikhona libhidlikile ngenxa yesimo esibi.

“Sihlangene nobukhosi bendawo sabe sesixoxisana noMnyango ukuthi kwakhiwe elinye elisha.

Kuyintokozo kimina ukuthi lakhiwa elinye elisezingeni eliphezulu manje mina uqobo lwami sengibuyile njengoMphathiswa walo Mnyango ukuzohlaba isoyi lokufakelwa kwetiyela kulo mgwaqo oholela kulona leli bhuloho laseNsuze,” kusho uKaunda.

Uthe iNkandla injengezinye izindawo ezisilele emuva ngentuthuko ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

UKaunda uphethe ngokuthi kungekudala nje uMnyango uzokwethula uhlelo lokuqanjwa kabusha kwemigwaqo ikakhulukazi leyo ebizwa ngezinamba bese kusetshenziswa ubuholi bendawo kanye nabantu ababambe iqhaza emiphakathini.

UKaunda ube esenxusa abe-SANTACO ukuthi baqale uhlelo lokusebenzisana nabashayeli bamaveni athutha izakhamizi ukuze nabo bahlomule yikhona bezokhula baze nabo bakwazi ukugcina bezithengele izimoto ezigunyaziwe zokulayisha abantu.

I DO RIGHT
EVEN WHEN NOBODY IS WATCHING

ANTI-CORRUPTION HOTLINE -
0800 596 596

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

AIDS 2016

KWAZULU-NATAL IS GROWING, DEVELOPING AND CARING!

# USCOTT WETHULE NGOKUSEMTHETHWENI ISIKHUNGO SEZOBUCHWEPHESHA

**NOSIPHO NDABA**

UNgqongqoshe woMnyango kamgcini Mafa KwaZulu-Natali uNKk Belinda Scott, kanye noNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMnotho uMnu Sihle zikalala bethule iprojekthi yezigidi eziyi-2 Million ukuthuthukisa umnotho nedolobha uMhlathuze eRichards Bay.

UScott uphendula isoyi lapho kuzokwakhiwa khona isikhungo sezobuchwepheshe esilinganiselwa kumanani angu 35 million eMhlathuze.uZikalala wethule iGate Complex e-Phase 1A okuveza ukuzimisela kwe Richards Bay Industrial Development Zone (RBIDZ)futhi ezoheha abatshali zimali basekhaya. Okubhekwe kuleProjekthi ukukhulisa umnotho endaweni ngokusebenzisa ezeScience,ezocwaningo, kanye nezobuchwepheshe.

Lesi sikhungo esesibili kwezine ezizovulwa kulesisifunda, Lezi zikhungu zilindeleke ukuheha osomabhizinisi abaphezulu,izikhungo ezizimele,amaNyuvesi,abacwani ngi kanye nabatshali-zimali abanentshisekelo yokuxhasa ukuze abantu babe nethuba lokwenza inzuzo.




*Kusukela kwesokunxele: Councillor Mduduzi Mhlongo, iMeya yase Mhlathuze; Belinda Scott, uNgqongqoshe womnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal, Sihle Zikalala, uNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMnotho KwaZulu-Natal , Councillor Thembeka Mchunu, iMeya yase uThungulu kanye no-Mel Clark, Usihlalo weRichards Bay Industrial Development Zone.* ***Isithombe: SIBONELO MSOMI***

Ekhuluma nabahambeli abebethamele lomcimbi uScott ubeke wathi Inyuvesi yase Mangosuthu (MUT)Kanye ne RBIDZ baveze ukuqonda mayelana nokuzibandakanya kanye nesikhungo. IMUT ibambisene ne Technical Vocational Education & Training (TVET)izodlala indima ebaluleke kakhulu kulesikhungo. "Ngokusho kwembiko kwezindleko zemihlomulo okuyinto Umnyango wezokuGcinwa kwaMafa awayenza ngo 2013,Isibalo sezindleko zokuthuthukisa lezi zikhungo ezine ezizoba matasa,zilinganiselwe kuR5.4 billion nangaphezu kweminyaka emihlanu.

Zilinganiselwe ku R5.4 billion izinsiza ezizodingeka" Uphinde wathi"uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ugcine uxhaso lwemali engango R120 million ngokusebenzisa uhlelo lwe-sabelomali.

Loluxhaso lwamanje lizokweseka ukuthuthukiswa kwezigaba zokuqala kuzozonke lezizikhungo. Isigaba sokuqala sisho ukuthi ukuhlinzekwa kwezingqalasizinda, izakhiwo zangaphezulu zokuqala iProjekthi. Kepha izicelo zokuxhasa ngemali zizoqhubeka zifakwe ukuze zithuthukise lo R120 million.

Uzikala wethule ngokusemthethweni iGate Complex edle imali engango R16 Million. uZikalala ubeke wathi leProjecti yezigidi itshengisa ukuthi i-RBIDZ isimi ngomumo ekuheheni abatshali zimali kulendawo.

Uthe i-RBIDZ indawo yokukhiqiza izimpahla kanye namasevisi ezizothuthukisa umnotho zivule namathuba emisebenzi.
Isikhulu sase RBIDZ uPhumelele Motsoahae ubeke wathi" okumqoka ukuthi sisungule izingqilasizinda ezisecopheleni ukuze sifeze izinjongo ze RBIDZ zokuba isikhungo sokutshala imali esisemgqoka esiFundazweni."

"i-RBIDZ iyazibophezela ekuqinisekiseni ukuthi iyayidlala indima yayo ekufezeni izinjongo zahulumeni ekwakheni amathuba emisebenzi nokutshalwa kwemali kulendawo, okuzoqeda inhlupheko kuthuthukise namakhono." Kusho uMotsoahae.

# Izingcithabuchopho zicobelelane ngolwazi kudingidwa isabelomali

**SKHULULIWE KHOZA**

Bekushisa inkundla eNyuvesi yaKwaZulu-Natal ngesikhathi izingcithabuchopho kwezomnotho zidingida isabelomali sesifundazwe ngaphansi kwesimo somnotho womhlaba esindondayo.

Izazi zezomnotho eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni zihlahlele abafundi isabelomali sesifundazwe okulindeleke ukuthi sihlinzeke impilo engcono kubantu ngaphansi kwesimo somnotho womhlaba esincikiselayo.

Abafundi kanye nosolwazi kwezomnotho balalele inkulumo ebishisa bunzi ithulwa uchwepheshe womnyango kwezomnotho, uMnuz. Jacob Twala, ngaphansi kwesihloko esithi "Isabelomali saKwaZulu-Natal kanye nomthelela wezomnotho kulesi siFunda".
Le nkulumo ebigxile kakhulu ezintweni ezibalulekile njengo kwehla nokunyuka kwentengo yamafutha, ukusetshenziswa kwemali, umkhiqizo kanye nenzuzo yabasebenzi, umumo wezomnotho wesifundazwe, umkhakha wezokuhlaziya kanye nokuhwebelana komhlaba wonke.

"Uma amazwe awumfelandawonye ngaphansi kombimbi lweBRICS ebhekene nokwehla kwezomnotho kuba yinkinga kithina.

"Ezokulima kanye nezokukhiqiza yizona ezisemqoka njengoba ubungako bemikhiqizo abayifakela kwi-GDP kubhekene nesimo sokwehla. Yizona zinselelo esibhekene nazo okudingeka siqhamuke nesixazululo ukuze sikwazi ukuqhubekela phambili," kuchaza uMnuz. Twala.

UMphathi woPhiko lezoKwabiswa kweziMali, uNkkz. Tanya Stielau, utshele izihambeli kule nkundla ukuthi njengoba kunalesi simo esinzima kubalulekile ukuthi umnyango ubhekisise ukuthi imali kahulumeni isetshenziswa ngobuhlakani.

"Sisemkhankasweni onzima wokuvala wonke amazibuko ukuze siqinisekise ukuthi ayichithakali imali kahulumeni eyabelwe ukuhlinzeka izidingo," kusho uNkkz. Stielau.

UMphathi oMkhulu woPhiko lwezoKwabiwa nokuPhathwa kweziMali, uNkkz. Neli Shezi, uthe kubalulekile ukuthi uhulumeni wonge imali ngokuthi uqinise imithetho yokulawula ukusetshenziswa kwezimali ukuze isifundazwe sibhekane ngqo nengcindezi kwezomnotho.

"Ubugebengu sizolwisana nabo




ngayo yonke indlela ukuze sikwazi ukuphatha izimali ngendlela futhi sihlinzeke izinsiza emiphakathini futhi siphucule izimpilo zabantu," kuchaza uNkkz. Shezi.

INhloko yoMnyango, uMnuz. Simiso Magagula, uthe uhole leli thimba lomnyango bephendula imibuzo ebiqhamuka kubafundi kanye nabafundisi babo abebeyingxenye yalo mbuthano.

Uchazile ukuthi uhulumeni ukwenza lokhu nje ubhekene nesimo sobubha, ukwentuleka kwamathuba emisebenzi kanye negebe lokungalingani.

Uthe kubalulekile ukuthi uhulumeni abhekisise ukuthi yini ayibeka phambili ohlwini lokuhlinzeka izidingo kubantu.

"Uhulumeni uba esenciphisa isabelomali kulezo zinto eziyizidingo kodwa ezingaphuthimi bese ebhekelela kakhulu lezo eziphuthumayo," kusho uMnuz. Magagula.

Ekhulumela iNyuvesi, uDkt. Mabutho Sibanda, uthe lezi zingxoxo zibalulekile ukuthi ziqinise amaxhama okusebenzisana phakathi kwenyuvesi kanye nomnyango.



**"Inyuvesi yase Mangosuthu (MUT)Kanye ne RBIDZ baveze ukuqonda mayelana nokuzibandakanya kanye nesikhungo".**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# UMNYANGO WEZEMFUNDO UBE NESITHANGAMI SABAFUNDI BESILISA

NOMPUMELELO GASA

UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal ubambe isithangami sokucobelelana ngolwazi nabantu besilisa kwazise uNtulikazi bekuyinyanga yabesilisa. Lesithangami besibanjelwe e Teacher Training Centre (Ethekwini) kanti besihanjelwe izikhulu zemfundo emikhakheni eyahlukene.

Inhloso enkulu yalomcimbi bekuwukubheka izinto ezihlukahlukene abantwana besilisia abangazenza ukuthuthukisa imiphakathi eyakhele kanye nokuqhamuka namaqhinga okulwa nezihlava kanye nobulwane ubulokhu budlangile obumataniswa nabantu besilisa.

Obekhulumele uMphathiswa kulenkomfa, uDkt. Enock Nzama ukubeke kwacaca ukuthi uzizwa ethobekile ukuba yingxenye yalomcimbi lapho bezocubungulisisa okumele bakwenze njengamadoda emphakathini abayakhele futhi nalapho besebenza khona.

"Ngizizwa ngikhethekile ukuba ingxenye yalo mcimbi lapho kuhloswe khona ukuvuselela



*Isikhulu esiphezulu emnyangweni wezeMfundo KwaZulu-Natal uDkt. Enock Nzama*

unembeza womntwana wesilisa. Muva nje umuntu wesilisa usethathwa njengesilwane ngenxa yezenzo ezilokhu zibikiwe ezenziwa abantu besilisa.

Thina sikhule sazi ukuthi umuntu wesilisa umele ukuba umvikeli womuntu wesifazane ayi ukumhlukumeza. Ngakho kubalulekile ukuthi sibe nemicimbi yaloluhlobo ukuze sikwazi ukukhuthaza futhi sifundise abafundi bethu besilisa ukuthi kumele baziphathe kanjani emphakathini.

Lokhu kuqala khona esikoleni ukuthi bakwazi ukuhlonipha abanye ozokwabo besifazane kanye nothisha babo," Kubeka uNzama". UMnyango wezeMfundo, KwaZulu-Natal ngaphansi kobuholi buka Dlungwane bukubeke eqhulwini ukufundisa abafundi besilisa indlela okumele baziphathe ngayo emiphakathini nakuzo zonke izindawo abazihambelayo.

UMnyango ubalule ukuthi ukuziphatha kwabantu besilisa akujabulisi neze ingakho ubone ukuthi ufundise emazingeni aphansi ukubaluleka kokuziphatha komuntu wesilisa, njengoba lomnyango ubhekeke ukufundisa uphinde ukhiqize abaholi bakusasa abaqeqesheke ngendlela. "

Lomcimbi siwuhlele ngoba sifuna ukubonisana futhi siqhamuke namasu okulwa nezihlava ezihlasele abantu besilisa okubalwa ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane, ukucwila ezidakamizweni, ukubalekela izindleko zokondla kanye nokunye okuningi," Kubeka uNzama. OkaNzama ubalule ukungabi ingxenye yokukhula kwabantwana kobaba njengenye enomthelela omkhulu ekungaziphathini kahle kwentsha yesilisa ngoba uma kukhona ubaba kulula ukwenza lokho okuhle ubaba akwenzayo ekhaya nangendlela anikhulise ngayo. UMnyango uzinikele ukwakha amadoda akusasa isizwe esizoziqhenya ngawo. "Umnyango uhlele ukugqugquzela abafundi besilisa ngezinkulumo ezizogxila ekuziphatheni kahle kanye nokulwisana nalokho okubukeka kuyizingqinamba ekuziphatheni ngendlela kwabantu besilisa.

Umgomo womnyango uthi "The Best Man I Can Be" ngaphansi kwesihloko Izwi Lamadoda.

# UMnyango wezemfundo KwaZulu-Natal usaqhubeka nokuthuthukisa ingqalasizinda

VUMANI SHEZI no THANDAZANI MBHELE

UMnyango wezeMfundo kwazulu Natal uhambele isifunda saseZululand endaweni yaso Ulundi eZimfabeni, kanye nendawo yaseBilanyoni ukuyovula ngokusemthethweni izikole i Tshanibezwe Secondary School kanye ne Ekujabuleni Primary School.

Lezi zikole zivulwe ngokusemthethweni amalungu esiShayamthetho abebambele uMphathiswa wezeMfundo uMthandeni Dlungwane.

Lamalunga esishayamthetho bekungu Nksz Nontembeko Boyce obehola umcimbi wokuvulwa kweTshanibezwe Secondary School kanti uMhlonishwa Jomo Sibiya yena ubehola umcimbi wokuvulwa kwe Ekujabuleni Primary School. UNksz Nontembeko Boyce uncome kakhulu amalunga omphakathi a zibophezele aphuma ngobuningi bawo ukuzozibonela ngamehlo enyama lo mcimbi oyingqayizivele wokuvulwa kwesikole esingehlukaniswe nalezo ezitholakala esilungwini njengoba nesimo somoya besiwuphazamisa umcimbi. "Ngaphandle kokushintsha izakhiwo zezikole ezisendaweni zase makhaya ayikho enye indlela yoku phucula izinga lemfundo ezindaweni zase makhaya. Sifuna ukuthi izingane zethu zithi mazihlangana nalezo ezifunda esilungwini zizibone zingehlukile," kubeka uMhlonishwa uBoyce. UMnyango usebenzise imali engango 16,5 million esikoleni iTshanibezwe kwingqalasizinda enjengo kwakhiwa ko mtapowolwazi, izinkundla zemidlalo eyahlukahlukene, igceke elikhonkiwe, amathangi amanzi ahlanzekile, ukwakhiwa kwezindlu zangasese ezisezingeni kanye nendlu yephoyisa eliqaphe ngeso lokhozi lesikole. Lomcimbi ubuhanjelwe izikhulu zomnyango, abazali, amakhansela endawo, oyisekela lomphathi wesifunda sase Zululand u Nksz Adri Nel kanye nothisha nezingane.

UMnuz Nkindla Buthelezi oyibamba bukhosi kulendawo uchaze kabanzi ngomlando walesisikole njengoba saqanjwa ngeqhawe lakwa Buthelezi owayibamba ishisa namangisi endaweni yakwa Ceza. UNksz Nontembeko boyce uphinde




wasebenzisa lelithuba ukuqwashisa abafundi baka matikuletsheni ngoku khetha emkhakheni emithathu abayithandayo okungenani ukuze kungabilula ukuphonsa ithawula umangabe isicelo sabo sokuqala singaphumelelanga emfundweni ephakeme. Evula ngokusemthethweni I Ekujabuleni Primary School, uMhlonishwa uSibiya ukudalule wangananaza ukuthi lesikole sidle uMnyango isamba semali engango 160 million, ngoba uzibophezele ekwenzeni ngcono imfundo yabantwana abahlala emaphandleni ukuze bafane nalabo bafundi basemadolobheni.

"Silindele ukuthi umphakathi usebenzisane nesikole ukuze izizukulwane ngezizukulwane zikwazi ukufunda kulesisikole esihle kangaka," kuphetha uSibiya.



> **"Ngaphandle** kokushintsha izakhiwo zezikole ezisendaweni zase makhaya ayikho enye indlela yoku phucula izinga lemfundo ezindaweni zase makhaya".

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# UNXUSA ABESIFAZANE UKUTHI BAHAMBE PHAMBILI EKULWENI NEZIFO

Njengoba iNingizimu Afrika ibungaza inyanga yabantu besifazane uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo unxusa bonke abesifazane ukuba kube yibo abambe iqhaza elikhulu ekulweni nezifo.

"Ngomhlaka 09 August 1956 abesifazane ababalelwa ku-20 000 bamasha baya ezindlini zombuso ePitoli belwa nomthetho owawushaywe uHulumeni wobandlulo ukuba abamnyama besifazane bengakwazi ukuya emadolobheni bengawaphethe amapasi. Uma labo besifazane bakwazi ukulwa noHulumeni wengcindezelo wangaleso sikhathi eminyakeni engu 60 eyedlule, nginesiqiniseko sokuthi abesifazane banamhlanje bangenza okufanayo ukulwa nezifo ezikhona njengamanje."

UDkt Dhlomo uthe kuyakhathaza kakhulu ukuthi bangaphezulu kuka 7 700 abesifazane abatholwa ukuthi banomdlavuza webele njalo ngonyaka, futhi bangaphezulu kuka 4000 abashonayo njalo ngonyaka.

Uphinde wakhala ngokuthi balinganiselwa ku 2000 abesifazane iminyaka yabo ephakathi kuka 15 no 24 abathola igciwane le-HIV njalo ngeviki, futhi imvamisa kuthiwa lesi sifo basithola kubantu abadala kunabo.

INingizimu Africa ibheke nezifo ezahlukene okufaka phakathi isandulela i-HIV ne Sifo soFuba, isibalo esiphezulu sokushona koMama kanye nezingane ezishona ngesikhathi sokubeletha, izifo zamahlala khona, udlame kanye nokulimala. Phakathi kwezinye zezinto uMnyango wezeMpilo ozibeka phambili ukugqugquzela ukuthi abantu bahlale bephilile, bazivocavoce futhi badle ngendlela efanele.

"Okuhle wukuthi uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uhlinzeka umphakathi ngezinsiza ezahlukene ezingenza ukuba sishintshe isimo somuntu."

Uthe uMnyango wezeMpilo, ngokubambisana nowezeMfundo eyisiSekelo usuqale umkhankaso wukubulala igciwane le-Human Papilloma, eliholela kumdlavuza wesibeletho. Kugonywa amantombazane kusukela eminyakeni ewu-9 kuya eminyakeni engu 10 akwa Grade 4. Lomkhankaso uqale ekuqaleni kuka-Agasti 2016, kanti uphela ngo-9 Agasti. "

Lemithi sihlose ngayo ukunciphisa abesifazane abangase babe nesifo somdlavuza wesibeletho. Sinxusa abazali ukuba basayinde ama form ezingane ukuze izingane zabo zamantombazane zizokwazi ukuthola imithi ezobavikela esifeni somdlavuza wesibeletho," kuchaza uDkt Dhlomo. UDkt Dhlomo uthe uMnyango usakhathazekile ngenxa yobaba abadala abangena ebudlelwaneni bezothando nezingane ezincane. Uthe uMnyango usazoqhubeka nokuqinisa umkhankaso wawo wokuqwashisa ngobungozi bokulala nama-"Blesser kanye no-Sugar Daddy". Lomkhankaso wethulwa ngokusemthethweni




*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ngesikhathi ekhuthaza abesifazane ukuba kube yibo ababamba iqhaza ekulweni nezifo.*

iphini likaMengameli wezwe uMnz Cyril Ramaphosa kanti ugxile kakhulu ekugqugqugzeleni abesifazane abesebancane ukuba bangahehwa obaba abadala ngezinto eziwubukhazikhazi, ezifana nezingubo zokugqoka, ama cell phones abizayo kanye nokunye. Kuhloswe ngawo futhi ukugquguquzela abesifazane abasebancane ukuba bagxile kakhulu ezifundweni zabo, nokuthi okungenani bafake izicelo zosizo lwemali kaHulumeni uma bengenayo imalo yokufunda kuze kube nabo baba nokwabo abakusebenzele. "Sinxusa amadoda amadala ukuba alalele onembeza bawo bayeke phansi amantombazabe asemancane ukuze akhule abe ikusasa lezwe. Ngifisa ukuphonsela inselelo abesifazane ukuba bazithande banakekele izimpilo zabo ngokuthi benze lokhu okulandelayo: Bahambe beyohlolela izifo noma kanye ngonyaka. Lokhu kuyasiza kusheshe kutholakale uma ngabe umuntu egula, ukuze athole usizo ngokushesha; Abesifazane basebenzise ukuzivikela okumbaxambili (Dual Protection) uma beya ocansini. Lokhu kufaka phakathi kokunye ukusoka kwabesilisa abezempilo, bese kuthi abesifazane bahlele umndeni okungaba umjovo, noma i-Implanon okukanye i-Loop.

Kodwa ukusetshenziswa kwe-Condom ikhona esithi akubekwe phambili ukuvikela isifo sengculazi kanye nokukhulelwa okungahlelelwe. Sithi abesifazane abavakashele umtholampilo uma beqiwe yinyanga ukuze bahlolwe.

Uma sebazi ukuthi bakhulelwe kubalulekile ukuhamba umtholampilo ukuze bezoxukuzwa nokuzosiza umtwana osuke engakazalwa. "Ukuze sinqobe izifo nokuthi sisizwe iNingizimu Africa ibe izwe eliphilile, abesifazane kumele babheke ukudla abakudlayo. Bangabhemi futhi bangaphuzi notshwala okungaba nomthelela ongemuhle empilweni yabo. Kumele bazivocavoce ukuze behlale bephilile. Sibafisela okuhle kodwa njengobakuyiNyanga yabesiFazane."

# UNgqongqoshe ushayela ihlombe abadala base Mkhanyakude ngokukhetha ukuphila impilo enempilo

**NELI MLABA**

UNgqongqoshe Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo Nokungcebeleka, uNkk Bongi Sithole-Moloi utuse abantu abadala abebesuka kubo bonke omasipala abangaphansi kwesifunda Umkhanyakude ngokuzimisela kwabo ngombidlango wokuphila ngokuzinakekela nokuzibandakanya nemidlalo yabantu abadala, phecelezi amaGolden Games.

UNkk Sithole-Moloi uphawule ngalendlela khathi ehambele elokishini KwaMsane eMtubatuba lapho bekunokuhlunga kwabazomela UMkhanyakude emidlalweni yogogo nomkhulu yesifundazwe ezoba seThekwini ngenyanga ezayo mhla yizi-30 Agasti kuya ziyi-2 Septhemba.

Abadala bazobe bencintisana emidlalweni eyehlukene kuyona okubalwa ibhola lezinyawo neminye eyenzelwe bona ngqo ebasizayo ukuthi bagcine imizimba yabo iphila.

"Ngaphambi ngokuthi ngifike kulenkundla, ngitshelwe ukuthi ngizovakashela ogogo nomkhulu, kodwa manje engikubonayo lapha abantu ababukeka bebasha futhi benesimo sempilo esigculisayo.

Nisiyisibonelo esihle kwabanye abantu, ikakhulukazi entsheni ukuthi kuyakhokhela ukunakekela imizimba yethu.

Uma ngabe uphila impilo yakho ngokuzivocavoca loko kukusiza ekutheni ukwazi ukunciphisa amathuba okuthi ungenwe izifo eziningi emzimbeni wakho ezibangwa ukuthi iminyaka isihambile ezifana nje nesifo sikashukela ne-high blood pressure," kuphawula uNgqongqoshe uSithole-Moloi.

Omunye wabaphathi beqembu labadala eMkhanyakude, uNkk Lizzie Gumbi, uthe abantu abadala baseMkhanyakude banezikhathi lapho behlangana khona njalo bavocavoce imizimba yabo.

Ufakazele ukuthi lokhu kubasiza kakhulu ukugwema izifo ezijwayele ukuphatha abantu abadala.

"Bahlangana ndawonye bazivocavoce bese becula, nokubasiza ukwehlisa ukukhathala kanye nokulapha umphefumulo, kusize ukwehlisa isisindo.

Ngesikhathi behlangene bakwazi nokuxoxa balulekane nangezinkinga abanazo, kanti lokhu kusiza ekutheni imithwalo abanayo yehle kancane.

Sizimisela kakhulu futhi sesijahile ukuthi ifike lemidlalo yesiFundazwe kanye nakuzwelonke.

Siya lapho ukuyodla umhlanganiso," kusho uNkk Gumbi.

